# *UKUTHETHWA KWE CALA*

Ingxenye yomBhalo, futhi indaba yami kulobubusuku ingiku. . . Ngicabanga ukuthi uJesu Kristu akazange abe nokuthethwa kwecala okunobuqotho kwekaHerodi—Herodi—inkantolo kaHerodi, phambi kukaPilatu. Angikholwa ukuthi Waba nokuthethwa kwecala okunobuqotho. Futhi ngicabanga ukuthi, emizuzwini engamashumi amane-nanhlanu elandelayo, ake siMqulise icala, ngoba Usembuzweni futhi. Futhi manje i . . .

2 Enye yezinto ezinkulu Abuzwa kuzo, yiZwi laKhe. Futhi ngiyalikholwa leloZwi. Ngakho, ngi—ngizofunda kulobubusuku endawaneni okuphikiswana ngayo kakhulu emBhalweni. Lowo nguMarku, isahluko 16.

3 Futhi manje, ukuba besenza isithembiso sokwethembeka eflegini, noma ukuba besizwa u*The Star-Spangled Banner,* besizoma sonke. Futhi ngicabanga ukuthi uma singenza lokho esikhumbuzweni sesizwe sakithi esihle esinaso, impela besifanele sikwenze eZwini likaNkulunkulu. Ngakho masime, imizuzwana embalwa nje, ngisafunda eZwini.

4 UMarku, isahluko 16 sikaMarku oNgcwele, siqale ngevesi 9. Asilalelisise nje njengoba sifunda lamavesi. Manje, sisesikhathini sokuvuka ngqo. Sisesikhathini lapho iNkosi yethu yayisanda kuvuka nje kwabafileyo, futhi yayibonakala, futhi, ngezimo ezehlukene, kubantu. Manje, ivesi 9 liqala kanje.

> *Manje uJesu esevukile kusekuseni ngosuku lokuqala lweviki, wabonakala* kuqala *kuMariya Magdalena, ayekhiphe kuye amademoni ayisikhombisa.*
>
> *Yena wahamba wababikela labo ababenaye, besalila bekhala.*
>
> *Kwathi bona, sebezwile ukuthi uyaphila, nokuthi uboniwe nguye, abaze bakholwa.*
>
> *Emva kwalokho wabonakala ngesinye isimo kwababili, behamba, beya emaphandleni.*
>
> *Nalabo bahamba babikela abanye: nalabo abaze bakholwa.*
>
> Kamuva *wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngokungakholwa kwabo nangobulukhuni benhliziyo, ngokuba bengakholwanga yilabo abambonileyo esevukile.*
>
> *Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*
>
> *Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.*

*Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha;*

*Baphathe izinyoka;. . .uma bephuza okubulalayo, akusoze kwaba-nangozi; bayakubeka izandla phezu kwabagulayo,. . .basinde.*

*Njalo-ke iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.*

*Kepha bona bephuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo, iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.*

5 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele umkhuleko. Futhi ngizocela, uma kulungile, ukuthi uma umfowethu, uMarvin Smith, obe nomusa kakhulu kithi izolo, futhi waba nami emgqeni womkhuleko naye izolo ebusuku, uma ezocela izibusiso zikaNkulunkulu emaZwini engisanda kuwafunda nje.

6 Mfowethu Smith, uma uthanda. [UMfowethu Marvin Smith uyakhuleka—Umhl.] Siphe khona, Nkosi. Yebo, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Yebo, Nkosi. Siphe khona, Nkosi. Amen.

Ngiyabonga. Ningahlala phansi.

7 Baningi kakhulu ababangani bami lapha, engingathanda ukubaphatha bonke, kodwa, nje njengoba umfowethu eshilo, asinaso isikhathi sokukwenza. UMfowethu Outlaw lapho, umngani wami ongumfowethu wesifuba ngempela wasePhoenix, noMfowethu Moseley na—nabaningi kakhulu abehlukene engingeke kal'khuni nje ngibe nesikhathi sokubazisa ngamunye. Kodwa ngiqinisekile niyaqonda, angifuni ukunedlula.

8 Manje, kuleliZwi, sibhekene kulobubusuku. Futhi nje ngifuna ukusho izinto ezimbalwa ngalomBhalo. Nomaphi lapho esiya khona, sithola lokhu, okukakhulu ubu diff-. . .i. . .lapho ongakholwayo ecosha khona.

9 Lapha ngesikhathi esedlule. . .Abaningi benu bayamazi uPerris Reidhead. Ungumongameli weziMishini zaseSudan. Leyo ngenye yezimishini eziqavile ebanzi ukwedlula zonke ezweni. Yena noDon. . .Angikwazi ukubiza isibongo sakhe. Ungumelusi, elinye lamabandla angamaBaptisti amakhulu eChattanooga. Wangena endlini yami, e—eJeffersonville, wayesethi, "Mfowethu Branham," wathi, "siyaqonda ukuthi wawuyiBaptisti."

10 Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane. Ngagcotshwa, iMissionary Baptist Church."

Wathi, "Ngiyezwa ukuthi ubambisana namaPentecostal."

Ngathi, "Yebo, mnumzane. Ngingomunye wawo."

11 Wayesethi, "Awu, ngifuna ukubuza okuthize." Wathi, "Bazisho ukuthi banoMoya oNgcwele." Wathi, "Ucabanga ukuthi lowo nguMoya oNgcwele na?"

Ngathi, "Yebo, mnuzane."

12 Wathi, "Awu, into kuphela engingayiqondi, ukuthi kuyini konke lokho kudazuluka nokumemeza nokuqhubeka kanjalo."

13 Ngathi, "Awu, uma u—uma ungenakusifaka isitimu esondweni eligingqikayo, balishayela impempe. Yilokho kuphela." Ngathi, "Uma—uma bebenga . . . Yingakho nginabo." Ngathi, "Uma kuphela ubungathola leyonto ukuba isebenze, nalokho, umdlandla, iphumela ngaleya ukuzuza imiphefumulo, ibinganqoba izwe." Kodwa ngathi, "Yingakho ngilapho."

14 Wathi, "Awu, ngenkathi ngisengumfanyana," wathi, "Nganginobizo luvela kuNkulunkulu. Nomama wayewashela phezu kweplangwe lokuwashela, ukuba angithumele esikoleni." Wayesethi, "Mina, ngenkathi, ngacabanga, uma sengithola uB.A. wami," wathi, "lapho ngangizothola uKristu, kodwa," wathi, "A—angizange." Wayesethi, "Manje, Mfowethu Branham, ngineziqu ezenele neziqu zokuhlonishwa ukuba ngizibeke zibe wuxhaxha odongeni lwakho." Wayesethi, "Uphi uKristu kukho konke kwakho na?"

15 Ngathi, "Angisuye, mfowethu, onemfundo yasesikoleni yokubhalwa nokukhulunywa kolimi, ukuba ngithi o—othisha wayenephutha. Kodwa," ngathi, "babeqinisile kwabakusho, kodwa babenga . . . Kunokunye okuningi kwaKho."

16 Wayesethi, "Nakhu ukuthi kungani ngibe lapha." Wathi, "Esikoleni, sasifundisa umfana okahle oyiNdiya waseNdiya. Ngicabanga ukuthi wayefundela ukuba ngu . . . Ngicabanga ukuthi kwakuyi, mhlawumbe, kwakungubunjiniyela bokwakha noma—noma okuthize, waye—wayegogodile kubo. Wayebuyela emuva ukuyosiza abantu bakubo." Wathi, "Ngamyisa e—esikebheni, noma isitimela, lapho ayezohamba ayobamba isikebhe, futhi yena ukuba abuyele eNdiya. Ngathi, 'Ndodana, ngenkathi usa—ngenkathi usabuyela emuva . . .' Wathi, 'Manje usufithi ngakho konke, futhi unemfundo yakho, buyela kubantu bakini.' Wathi, 'Awumthathi ngani uNkulunkulu ophilayo ngempela ubuyele emuva, bese ukhohlwa yilowomprofethi ofile, uMohamede, omkhonzayo na?'"

17 Umfana, engokaMohamede, "Awu," wathi, "mnumzane," wathi, "angangenzelani uJesu wakho enye edlula leyo engenziwa ngumprofethi wami na?"

18 "Awu," wathi, "owethu—owethu—owethu—owethu uJesu ukupha ukuPhila. Umprofethi wakho angekwenze."

19 Wathi, "Kodwa wethembisa ukukwenza." Ya. Wathi, "Uyazi, esikulindele thina bakaMohamede, ngukubona nina maKristu nenza lokho umholi wenu athi niyokwenza."

Wathi, "Yini leyo na?"

20 Wathi, "Awu, owenu . . ." Wathi, "Uyabo, uMohamede wethembisa kuphela ukuphila emva kokufa. Kodwa," wathi, "UJesu wethembisa ukuthi izinto Azenza nani niyakuzenza."

Wayesethi, "O," wathi, "awu," wathi, "uyabo, bakwenza."

Wathi, "Banjalo na? Sikhuluma ngawe, wena manje."

21 Wathi, "Awu, manje, mnumzane," wathi, "Ngiyakutshela." Wathi, "Ulifundile iTestamente eLisha na?"

Wathi, "O, izikhathi eziningi, ngokupheleleyo."

Wathi, "Isibonelo nje, yimuphi umBhalo obhekisele kuwo na?"

22 "Awu," wathi, "izindawo eziningi, uJohane 14:12, kanjalonjalo," wathi, "UMarku 16."

23 Wathi, "Awu, manje," wathi, "uyabo, uMarku 16," wathi, "sifunda lokho, ngempela, eminye yemiBhalo, Ongenalo iqiniso." Wathi, "UMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke," uthi, "awutholwa kwemi—midala kunayo yonke yemibhalo engakabi yizincwadi." Wathi, "Wenezelwe nje."

24 Manje, ngempela, angazi nje ukuthi ukutholaphi lokho, uma kwenzeka kuba nomgxeki eduzane. Ngani, ngitadishe iminyaka engamashumi amabili emlandwini weBhayibheli. Niyabo? Impela. UIrenaeus noPolycarp, nabo bonke, baWuqonda. Niyabo? Impela. Wenezelwa impela. IVatican ayiWumemezelanga. Impela qha. Kodwa lona, lababhali bangempela, bathi uJesu washo Lokhu, uMbhalo oneqiniso.

Futhi ngakho wathi, "Kusukela evesini 9 kuqhubeke, Awuphefumulelwe."

25 Lowo ongokaMohamede wathi, "Awu, manje-ke, Mnu. Reiedhead, yiyiphi-ke ingxenye ephefumulelwe ke?" Wathi, "Ngifuna wazi ukuthi yonke iKoran iphefumulelwe, hhayi nje ingxenye *lapha* nengxenye *laphaya*." Ukwehlulwa okunje pho! Ngakho wathi, "Awu," wathi, "awu, uma—uma ungenjalo, uma leyongxenye ingaphefumulelwe, ngazi kanjani ukuthi yonke enye yayo esele ayiphefumulelwe na?" Manje, kunokuhle . . .

26 Wathi, "Awu," wathi, "ngenkathi, uJesu evuka kwabafileyo; noMohamede usethuneni."

27 Wathi, "Ngabe Uvukile kwabafileyo?" Wathi, "Wathi, uma Akwenza, 'Uyoba kini, kuze kube sekupheleliseni, nemisebenzi Ayenza nani niyakuyenza.'"

28 NoMnu. Reidhead wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, angazanga ukuthi ngizothini."

Wathi, "Ngani, uJesu wavuka kwabafileyo!"

29 Wathi, "Ube neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukukufakazisa, namapesente angamashumi ayisishiyagalolunye

ezwe kul'khuni impela ukuba azi noma yini ngakho." Wathi, "Ake kuvuke uMohamede, futhi umhlaba wonke uyokwazi ngamahora angamashumi amabili-nane." Kunjalo. Uma nike naba sethuneni lakhe, abanye benu zithunywa zenkolo, njalo emahoreni amane bashintsha umlindi wehhashi lapho, ihhashi elimhlophe, ukuthi uyoligibela ehle, umhlaba, uma evuka kwabafileyo.

30 "Kodwa asidingi ukuba silindele uJesu avuke kwabafileyo. Usevele uvukile kwabafileyo."

31 Ngakho wathi, "Kufakazise. Wakwethembisa, uma avuka kwabafileyo." Ngakho wathi, "Awu, wazi kanjani na?"

Wathi, uMnu. Reidhead wathi, "Uphila phakathi kwenhliziyo yami."

32 Wayesethi, "NoMohamede uphila phakathi kwenhliziyo yami." Wathi, "Mnu. Reidhead," wathi, "Inkolo kaMohamede ingaveza nje eningi injulamqondo njengobuKristu."

33 Wathi, "Ngase-ke ngikhahlela uthuli, Mfowethu Branham, njengomKristu ohluliwe. Futhi ngazethembisa ukuthi ngiyofika, ngikhulume kuwe." Niyabo?

34 Ngani, lonke leloBhayibheli liphefumulelwe. UNkulunkulu uyalilonda iZwi laKhe. UNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngoluny'usuku.

35 Futhi uma Ezolehlulela ngebandla, yilona liphi ibandla Azolehlulela ngalo na? Uma Elehlulela ngebandla eliKatolika (wena Katolika ubungasho njalo), liphi lona ibandla eliKatolika, ke, eloMthetho lamaGreki, lamaRoma, noma liphi lona na? Uma Elehlulela ngeBaptisti, wena Methodisti ulahlekile. Uma Elehlulela ngeMethodisti, wena Baptisti ulahlekile. Ulehlulela ngePhentekoste, nobabili nilahlekile. Niyabo? Akazukulehlulela nganoma yiliphi ibandla.

36 Uzolehlulela ngoJesu Kristu, noJesu Kristu yiZwi. UJohane oNgcwele, isahluko 1, wathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Ngakho-ke, Uzolehlulela ngoJesu Kristu, futhi UyiZwi. IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade."

37 UNkulunkulu engongenasiphelo, ekuqaleni, nokuhlakanipha kwaKhe okungenasiphelo, ukwazi kwaKhe, kwehlukanisa iVangeli laKhe onyakeni ngamunye. Sithola ukuthi amabandla aLixova lonke, bese kuthi-ke uNkulunkulu athumele umprofethi waKhe enkundleni. "NeZwi leNkosi liza kumprofethi." Balazi kanjani na? Lingukuqinisekiswa ko—koMlayezo walowonyaka. Manje, ngenkathi, ini . . .

38 Ngenkathi uMose efika, njengoba kwakwethenjiswe ukuthi uyofika, uma-ke efika nomlayezo kaNowa? Wawungeke usebenze. UMose wayengeke akhe umkhumbi wokusindiswa

kwabantu. IZwi likaNkulunkulu elathenjiselwa unyaka kaMose laliyiZwi elalifanele liqinisekiswe.

39 Onyakeni wawo wonke umboni nawo wonke umprofethi, bekufana, kodwa sithola abantu behlala ekubenyezeleni okuxhopha amehlo kokunye ukukhanya. Njengoba uJesu athi, "Nihlobisa izindonga noma amathuna abaprofethi, futhi nguwe owababafaka lapho." Niyabo? Niyabo, bakha into ethize, phezu komlayezo, bese behlala kulokho kubenyezela okuxhopha amehlo kwalokho kukhanya, futhi bale ukuhamba ekukhanyeni okungokosuku.

40 Yilesosizathu bala ukwazi uJesu Kristu ngenkathi Efika. Yingakho uJesu abeluleka, ethi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakaza ngaMi." Kodwa babethole izivumokholo eziningi kakhulu nezinto, namasiko abo, ukuthi uJesu wathi, "Nilenze ize iZwi likaNkulunkulu, ngamasiko enu." Futhi yileyondlela obekuyiyo kuyo yonke iminyaka.

UNkulunkulu uzokwehlulela izwe ngoJesu Kristu.

41 Futhi izikhathi eziningi, niyabo, okuyikho, thina bantu sizama ukuba nokuhumusha okungokwethu kweZwi, ukuba sithi, "UMarku 16, kusukela evesini 9, kuqhubeke akaphefumulelwe."

42 Kungani Lingaphefumulelwe na? UNkulunkulu akadingi-mhumushi. UnguMhumushi waKhe uqobo. UNkulunkulu wenza ukuhumusha waKhe uqobo. NeBhayibheli lathi, "Alihunyushwa ngasese."

43 UNkulunkulu wathi, ekuqaleni, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona ukukhanya. Lokho akudingi kuhunyushwa.

44 Wathi, "Intombi iyakukhulelwa," futhi yakwenza. Lokho akudingi kuhunyushwa. Yakwenza. Nokho, ngenkathi ikwenza, ngesikhathi eyakwenza ngaso, abantu babegcwele kakhulu isivumokholo baze abangakuqonda. Kweqa phezu kwamakhanda abo ngqo.

45 Kwenze lokho kuso sonke isikhathi, futhi kuzokwenza futhi. Manje, sithola ukuthi, kunjalo. Abantu wenza lokho. UKristu nebandla . . . Siyathola, ngalolusuku esiphila kulo, akukho okwehlukile kunoma yiluphi olunye usuku. Amadoda, ibandla, njalo lidumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, futhi njalo lisho Azokwenza, futhi likwenza insini Akwenzayo. Lokho njalo bekungumlando webandla, futhi kuyindlela efanayo kulobubusuku. Yingenxa yokuthi izichasiselo ezibonwa ngokucabanga nje ezenziwe ngumuntu zingena kuLo bese ziLixova lonke. Futhi uma iZwi leqiniso lizikhulumela Lona, niyabo, bagcwele kakhulu isivumokholo, baze baphuphuthekiswe kakhulu yilokho kubenyezela okuxhopha amehlo, abakwazi ukuLemukela.

46 Ngani, isizathu sokuba amaLuthela, sokuba amaMethodisti, ngenkathi ninabantu beMethodisti . . . Lomfana okahle oyiMethodisti, lapha, usanda kucula esikhashaneni esedlule. Ngenkathi lowomfana, i . . . Kwakuyini isizathu na? Niyabo, amaLuthela laliphila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo kukaLuther, futhi yingalesosizathu umlayezo wamaMethodisti ungawelanga kahle. Futhi ngenkathi amaPentecostal efika, onke ayephila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo kwamaMethodisti, kwaze kwafika amaPentecostal. Kodwa, niyabo, konke lokhu, uma nje nizobheka emBhalweni, bhekisisani iminyaka yebandla nokuthi ngamunye uzokwenzani, nizothola kahle lapho esiphila khona. Siphila kulonyaka.

47 Manje, phezu kwezisekelo zalokhu ukugxekwa, okukhulu kangaka, kweZwi likaNkulunkulu, ngifuna ukuthatha lendikimba kulobubusuku, futhi ngiyibize ngokuthi: *Ukuthethwa kweCala*.

48 UJesu akakutholanga ukuba nokuthethwa kwecala okunobuqotho ngezinsuku zikaHerodi, ngezinsuku zikaPilatu. Kodwa, ngalolusuku, ngifuna ukubona, kulobubusuku, kuleliqembu elincane labantu, uma nizohlala nami, ngifuna ukubona ukuthi Uthola ukuthethwa kwecala okunobuqotho. Ngoba, Uselokhu eyilo iZwi. Uselokhu eyilo iZwi. Bangaki ovumelana nalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." NeZwi lisalokhu linguNkulunkulu. "Futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho, asibone ukuthi Unokuthethwa kwecala okunobuqotho.

49 Manje, ngizokwenza lokhu njengenkantolo, uma nje nizongibekezelela. Ngiyazi kuthi kuzwakala kungokungejwayelekile, kodwa singumbuthano omncane nje lapha manje, ukuthi sifuna ukuletha leliZwi, engithi liyiZwi likaNkulunkulu. Futhi ngilapha ukuLivikela. Futhi manje, sizoliletha ecaleni lasenkantolo, ngokufanayo nje impela njengoba kwakunjalo ngezinsuku ngenkathi uHerodi eMqulisa icala, noma uPilatu, phambi kwenkantolo kaPilatu. SizoMletha phambi kwenkantolo lendlu yaseRamada, lo 1964, ngoApreli zingamashumi amabili nesikhombisa, ngo 1964.

50 Manje sizokwenza lokhu kube yinkantolo. Futhi nina ningumehluleli nabasizi bejaji; nina, nkantolo. Ngizoba ngumongameli. Futhi sizokwenza lokhu njengecala lasenkantolo. Futhi ekupheleni, wenza isinqumo sakho, njenganoma yibaphi—njenganoma yibaphi abasizi bejaji bazofanele bazinqumele ngesinqumo sabasizi bejaji. Bese kubake yisenzo sakho, kusukela emva kwalokhu, kuzonquma ukuthi isinqumo sakho sabasizi bejaji siyini. Akunandaba ukuthi uthini manje, isenzo sakho sizofakazisa isinqumo sakho sabasizi bejaji. Manje, icala lingukuthi, namhlanje, bangani . . .

51 Mina ngizodlala indawo kamongameli, manje, futhi njengokungathi kwakusecaleni lasenkantolo yangempela, futhi Uquliswa icala, uma nizongibekezelela imizuzwana embalwa futhi ningikhulekele.

52 Manje, icala lingukuthi, iZwi likaNkulunkulu libhekene nezwe, izwe elingaLikholwa. Necala lingukuthi: iZwi likaNkulunkulu libhekene nezwe. I—imbangela yokubekwa icala, ingukuthi, ukwephulwa kwesithembiso. Lokho kungukuthi, ukwephulwa kwesithembiso kuyimbangela yalelicala.

53 Futhi manje, ngiyaqonda ukuthi ecaleni lasenkantolo lanjalonjalo, ukuthi ummeli oshushisayo njalo umela umbuso. Ngicabanga ukuthi kunjalo. Kulendawo, ummeli oshushisayo umela izwe. Nommeli oshushisayo nguSathane, futhi umele izwe kulenkantolo lapha kulentambama.

54 NoMmangalelwa nguNkulunkulu, iZwi laKhe, ngoba uNkulunkulu njalo uyiZwi. Niyabo?

NoFakazi ovikelayo nguMoya oNgcwele.

55 Nofakazi kammeli oshushisayo nguMnu. Ang'kholwa, uMnu. Mnqikazi, noMnu. Ukungabekezeli. Laba bobathathu wenyuka njengofakazi kammeli oshushisayo, onguSathane, omele izwe.

56 Manje asibize lenkantolo ithule ilalele. Futhi manje asibize umshushisi, akabize ufakazi wakhe wokuqala eze ebhokisini, ukuba afakaze ngokumelana neZwi.

57 Futhi manje lalelisisani. Manje, ngingahle ngingakwazi, ekusheshiseni, ngizama ukuqeda lokhu emizuzwini engamashumi amathathu noma engamashumi amane, ngingahle ngigijime phezu kwenye into. Kodwa uma ngenza, kwangathi uMoya oNgcwele ungayembula manje, njengoba inkantolo ibizwa ukuba ithule ilalele.

Khumbulani, niyikho kokubili ijaji nabasizi bejaji.

58 Futhi manje umshushisi ubiza ufakazi wakhe, ufakazi wokuqala, ukuba aye ebhokisini, ukuba afakaze. Futhi ubiza uMnu. Ang'kholwa, futhi ungena ebhokisini, ukuba afakaze. NoMnu. Ang'kholwa uzisho ukuthi lonke iZwi likaNkulunkulu, lezithembiso zikaNkulunkulu, alisilo iqiniso. Lokho ngukukhononda kwakhe, ukuthi iZwi likaNkulunkulu ngeke kwethenjelwa kulo, konke okwaLo. "Ingxenye yaLo yonke ilungile. Kodwa konke okwaLo . . ." Uzisho ukuthi uyikholwa, uMnu. Ang'kholwa. Kodwa uzisho ukuthi uyikholwa, futhi uyasho, ukuthi, "Konke okweZwi likaNkulunkulu ngeke kwethenjelwa kukho. Akusilo iqiniso."

59 Uzisho ukuthi uvakashela umhlangano othiwa okaMoya oNgcwele, lapho abantu babesho ukuthi uMarku 16 uyiQiniso. Futhi abantu abaningi bazisho ukuthi babephilisiwe, ngenkathi,

lapho Lithi kuMarku 16, "Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Nalendoda ithi yazisho ukuthi yayimkholwa uNkulunkulu. Yamlalela lomshumayeli othiwa okaMoya oNgcwele, futhi u. . .leliqembu likaMoya oNgcwele elalinikeza zonke izinhlobo zezimfakazo.

60 Futhi yayikade igula emzimbeni wayo, futhi yayikade inalababantu ukuba babeke izandla phezu kwayo kulomhlangano kaMoya oNgcwele. Nalokho kwakusezinyangeni ezimbili ezedlule, futhi akukabikho neyodwa into esiyenzekile namanje. Isagula nje njengoba yayinjalo ngenkathi yayikade ibekwe izandla phezu kwayo. Ayikashintshi, nakancu. Isagula nje njengoba yayikade injalo. Ngakho-ke, iyasho, ukuthi, "UNkulunkulu akalungile, ukuba abeke umBhalo onjengalowo eBhayibhelini, abe Engenele ukuba awesekele. Akulungile kuMarku 16 ukuba abe seBhayibhelini," ngenxa yokuthi iyafakazisa ukuthi uNkulunkulu akaligcini iZwi laKhe. Futhi ifuna ukubeka uNkulunkulu icala ngokubeka isithembiso esinjengaleso eZwini laKhe. Kulungile. Sizoyehlisa.

61 Futhi manje sizoba noMnu. Mnqikazi ukuba enyuke olandelayo, ukuba afakaze. UMnu. Mnqikazi ugibela ebhokisini. Futhi uthi uzokhuluma iqiniso. Uzisho ukuthi uyikholwa. Futhi wathi wayekade egula isikhathi eside, ukuthi ukugula kwakhe kubangelwa yisifo esikhulu ayekade enaso. Wayese-ke ezwa othize efakaza emgwaqeni, ngokuba nomelusi omesabayo uNkulunkulu. Nalomelusi walelibandla washumayela wayesethi, uJakobe 5:14, "Uma ekhona phakathi kwenu, ogulayo, makabize amalunga amadala ebandla. Mawabagcobe ngamafutha futhi abakhulekele. Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa. Uma benze noma yisiphi isono, bayakuthethelelwa sona. Vumani amaphutha enu, omunye komunye. Futhi nikhulekelane, ukuthi owenu osebenzayo, umkhuleko oqinileyo wolungileyo unamandla."

62 Futhi wathi wenyukela lapho, njengekholwa. Ufuna ukutshela lenkantolo lokhu, ukuthi, "Ngenyukela lapho ngabo bonke ubuqotho, futhi nganginalomelusi othiwa ngomesabayo uNkulunkulu walelibandla, abaningi abakushoyo lokho, ngenkathi ebagcoba ngamafutha futhi wabakhulekela. Nomelusi washo, qobo lwakhe, ukuthi uNkulunkulu waliphendula leloZwi, naleloZwi likaJakobe 5:14 laliyiqiniso. Futhi babebaningi abafakazayo ukuthi laliqinisile." Kodwa wenyuka, nomelusi, indoda emesabayo uNkulunkulu, wamgcoba ngamafutha, ngokukaJakobe 5:14, wamkhulekela. Nalokho sekube yizinyanga eziyisithupha ezedlule, futhi akakabi namiphumela, nhlobo. Usagula nje njengoba wayenjalo ekuqaleni.

63 Ngakho, uMnu. Mnqikazi uyasho ukuthi Lokho kungebe yiqiniso. "UMarku 16 akasilo iqiniso, kanjalo noJohane akasilo,

u—uJakobe 5:14. Akasilo iqiniso, ngenxa yokuthi uNkulunkulu uyehluleka ukugcina iZwi laKhe. Uma leli kuba yiZwi likaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu uyehluleka ukugcina iZwi laKhe, ngoba, ngobuqotho, njengekholwa, wahamba futhi wadedela umelusi, abanye abazisho ukuthi baphiliswa nguye, wamgcoba futhi wamedlulisa ngokuhamba okufanayo enza ngawo abanye. Futhi, izinyanga eziyisithupha ezedlule, futhi akakabi nokukodwa okunci kwemiphumela yanoma yisiphi isikhathi. Ngakho-ke, ufuna futhi ukuletha ukubeka icala kuNkulunkulu, ngokubeka izithembiso ezingubudedengu kanje eZwini laKhe, angeke Ama emva kwazo."

64 Sithola icala ngempela lapha, asitholi lona na? Akehle, uMnu. Mnqikazi.

65 Manje, ufakazi olandelayo nguMnu. Ukungabekezeli. Uyishinga. Manje uzokwenyuka, futhi uzonikeza ubufakazi bakhe. Futhi ungena ebhokisini, ukuthi, ngoluny'usuku ngenkathi efunda iVangeli likaMarku, isahluko 11. . . Hhayi ese 16, manje. Isahluko 11, ivesi 22 nelama 23, ukuthi kufundeka kanje, "Uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuyokwenzeka, ungaba nakho okushilo. Futhi uma ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela okucelayo, uzakuba nakho."

66 Wathi kade elunyonga ezinyaweni zakhe, wahamba ngezinduku zokuqhugela cishe iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Futhi ngenkathi efunda lomBhalo, futhi wayekade efundiswe ngumelusi wakhe—wakhe, ukuthi wonke umBhalo wanikezwa nguNkulunkulu futhi waphefumulelwa. Ngakho-ke, uma athi kulentaba, "Nqukuleka," futhi engenakungabaza, kodwa akholwe ukuthi akushilo kuzokwenzeka, ubengaba nakho akushilo. Futhi uma ekhulekile, ukuba akholwe uyakwemukela akucelile, anganikwa khona.

67 Manje, uthi wakhuleka, futhi ngabo bonke ubuqotho. Futhi wathi uzokwazi ukuzibeka phansi izinduku zakhe zokuqhugela futhi asuke ahambe esuka kuleyondawo. Futhi yena, ngokwethembeka, ngayo yonke inhliziyo yakhe, wakholwa ukuthi ayekade ekushilo kwakuqinisile. Futhi u. . . Lokho kwakungaba cishe impela seminyakeni emihlanu edlule, futhi uselunyonga njengoba wayelokhu enjalo nje. "Manje, uma uNkulunkulu-ke," uthi, "engagcina iZwi laKhe, pho-ke Akaligcini ngani iZwi laKhe na?"

68 Manje, nginikeza kuphela izindima ezintathu zomBhalo lapho, noma ofakazi abathathu, kodwa ngizodedela ummeli oshushisayo abize abanye futhi. Manje sizodedela . . .

69 UMnu. Ang'kholwa, ufakazile. UMnu. Mnqikazi, ufakazile. UAng'kholwa ufakazile; uMarku 16. NoMnu. Mnqikazi ufakazile wamelana noJohane, noma uJakobe 5:14.

70 NoMnu. Ukungabekezeli, ufakaze wamelana noMarku 11, uJesu qobo lwaKhe ekhuluma. NoMarku 11:22 nelama 23, ufakaze wamelana nalokho. Manje sizocela uMnu. Ukungabekezeli ehle.

71 Manje, njengoba sonke sike, ngandlela thize noma enye, saba sezinkantolo. Manje, umshushisi uzofanele alibethelele phansi icala lakhe. Ngakho umshushisi uyenyuka, ukulibethelela phansi icala. Lo omele (ngiyaxolisa) izwe, uSathane, ungena ebhokisini. Ngakho uzisho ukuthi, kulenkantolo, kulentambama, noma kulokhu ukuhlwa. Ufuna . . . Umshushisi, udeveli, ufuna lenkantolo ukuba iqonde ukuthi lamadoda angamakholwa, nokuthi leliZwi empeleni lilotshwe eZwini, "iZwi likaNkulunkulu, elibizwa kanjalo," uyasho, ukuthi lokhu kulotshiwe. Futhi uzisho ukuthi livela ezindaweni ezehlukene emiBhalweni. Nalamadoda angofakazi ukuthi akunjalo.

72 Futhi ufuna ukusho kulenkantolo, umshushisi uyakwenza, ukuthi ufuna lenkantolo ukuba iqonde ukuthi uNkulunkulu akalungile, ukubeka izithembiso ezingubudedengu obunjengalobo, eNcwadini, ukuba abantwana baKhe abakholwayo bazemukele; futhi manje-ke Akakwazi ukubanakekela, aqinisekise lokho Athembisa ukuthi Uyokwenza. Futhi unofakazi abathathu lapha. Nofakazi abathathu ngukuqinisa, njengoba sazi, kuwo wonke umBhalo. Futhi unofakazi abathathu, ezindaweni ezintathu ezehlukene emBhalweni, ukuthi uNkulunkulu akalungisisiwe ekubekeni izinto ezinjengalokho eZwini laKhe, ukuze abantwana baKhe abathandekayo bezobuka phezu kwaLo, futhi bazame ukuLemukela futhi baLikholwe njengoba Asho, bese kuthi-ke uNkulunkulu abenzele phansi, ngokubandayo.

73 Futhi, u—uzisho ukuthi lababantwana, ngabo bonke ubuqotho, wenza lokhu, lababantu, futhi bayehlulwa. "Abantwana abakholwa ngeqiniso behlulwa yiZwi likaNkulunkulu, ababizwa kanjalo. Ukuthi basho ukuthi lezizinto ngoba kulotshiwe eNcwadini, futhi omunye umuntu wabajovela kuyo, futhi ayisilo iZwi likaNkulunkulu. NeBhayibheli lingethenjwe. Ngokuba, nazi izindawo ezintathu ezehlukene nobufakazi obuthathu ukufakazisa ukuthi Linephutha." Manje ulibethelela phansi icala lakhe. Ngokuba, yena, umshushisi, ufuna ukukhomba, ukunakisa lenkantolo, ukuthi lamadoda lapha emukela leliZwi ngobuqotho, ekholwa ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, noNkulunkulu wehlulekile ukuhlonipha ukukholwa kwabo.

74 Kuqhubeke, ufuna ukuzisho ukuthi bangamakholwa, ngoba bathi bangamakholwa. Nokho, futhi, umshushisi ufuna ukujika, anakise lenkantolo kulentambama. Nokho uNkulunkulu uyethembisa futhi, kwenye indawo emBhalweni, ukuthi zonke izinto ziyenzeka kwabakholwayo. Futhi kulotshiwe. Lelo elinye icala. Zonke izinto, akunandaba ukuthi kuyini,

zonke izinto ziyenzeka kwabakholwayo. Nalamadoda azisho ukuthi angamakholwa. Ngifuna inkantolo iqonde, umshushisi ebhokisini manje ulibethelela phansi icala.

75 "Nokho, futhi, Uzisho ukuthi uyaphila emva kokufa kwaKhe, ukuthi uJesu uzisho ukuthi uyaphila emva kokufa kwaKhe. Nomshushisi ufuna ukubuza lenkantolo, niMbonile emva kokuba Esevuke kwabafileyo na? Ziphi izibazi zezipikili ezandleni zakhe na? Uphi umqhele wameva Ethweswa wona na? Baphi omaka ebunzini lakhe na? Futhi Ukuphi, uma Avuka kwabafileyo na?"

76 Kwase kuthi-ke, "Futhi, Uyasho kumaHeberu 13:8, ukuthi, iZwi laKhe liyasho ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Umshushisi ufuna lenkantolo ikukhumbule lokho. Manje-ke e. . . Uphi, uma Ekhona?" Ufuna ukuMbona. Futhi, uzisho ukuthi akunjalo. Uzisho ukuthi uLuka 17:23 akanjalo. Uzisho ukuthi iSambulo 3 asinjalo. Uzisho ukuthi uMarku 4 akanjalo. Uzisho ukuthi yonke lemiBhalo yokuvuka kwaKhe, ukuthi kungamanga uqobo. Ufuna ukukhomba lokho, ukuthi kungamanga.

77 "Futhi Uyasho futhi ukuthi kokubili amazulu nomhlaba kuyodlula, kodwa akukho nesisodwa isiqu noma ichashaza eZwini lakhe okuyoke kuze kwehluleke." Nomshushisi ufuna niqonde, nkantolo, kulentambama ukuthi yena unofakazi lapha ukufakazisa ukuthi banephutha. Manje, ufuna inkantolo ukuba ikunake lokhu, sisacabanga.

78 Manje, sicela umshushisi manje uma eseqedile ukulibethelela phansi icala lakhe, ecaphuna imiBhalo; ezisho ukuthi Ayiqinisile, ofakazi bokuthi Ayiqinisile, ukuthi Ayiphefumulelwe. "Ayilutho kuYo. Kungeke kwethenjelwa kuYo. Ingeke yethenjwa." Unofakazi ukufakazisa ukuthi Ingeke yethenjwa. Manje sinecala ngempela esandleni sethu.

Manje, asidedele umshushisi nofakazi bakhe behle.

79 Manje sizobiza uFakazi ovikelayo, uFakazi ovikelayo onelungelo lokufakaza ku. . . noma enzela ummangalelwa. Futhi manje uFakazi ovikelayo, onguMoya oNgcwele, asiMenyuse, futhi sizwe ubufakazi baKhe.

80 Into yokuqala, manje, njengoba nizwile ukuthi umshushisi utheni. Nizwile ukuthi uyini, ukuthi ofakazi bakhe batheni. Niyizwile imiBhalo. Niyizwile ifundwa. Futhi nangu ofakazi, ukuthi Ayisilo iqiniso.

81 Manje, uMoya oNgcwele, njengoba ngisho, onguFakazi ovikelayo, Uyabizwa. Into yokuqala, Ufuna ukubiza. . . UFakazi ovikelayo, uMoya oNgcwele, ufuna ukubiza kulelicala lasenkantolo, ukuthi umshushisi akalihumushi iZwi, kahle, kini. Ufuna ninake, futhi, ukuthi lomshushisi oninikeza ukuhunyushwa kweZwi, omele izwe nokungakholwa,

ungumhumushi ofanayo uEva ayenaye ekuqaleni. Ehhe. Ulihumushe ngokungesikho iZwi, kancanyana nje.

82 Manje, ngingahle ngime lapha, enkantolo, umzuzwana nje, ukuba ngisho lokhu. Uma uNkulunkulu abangela konke lokhu ukugula nosizi nokufa phezu komhlaba, uma Wadingeka akwenze ngenxa yobulungiswa baKhe, ukugcina iZwi laKhe, Angebe ngolungile futhi angaligcini iZwi laKhe. Uzofanele aligcine iZwi laKhe, ukuba abe ngolungileyo. Kufanela ubungcwele baKhe. KuMfanele. Futhi uma uEva, hhayi nje . . .

83 USathane akazange, umshushisi akazange, ahumushe ngokungesikho yonke into. Walihumusha nje ngokungesikho iZwi, noma kanjalo, futhi kwabangela ukufa ukushaya umhlaba wonke. Futhi zonke izibhedlela, zonke izinsimbi ezikhalayo ezake zakhala, konke—konke ukufa okwake kwafiwa, wonke umzabalazo, wonke umuntu enkundleni yempi, wonke ompofu, omncane, ogulayo, ingane ehluphekile, nabo bonke, kwabangelwa ngukulikholwa ngokungesikho nje iZwi elilodwa leZwi likaNkulunkulu. Futhi uma kwabangela konke okwalokhu, ngokulikholwa ngokungesikho iZwi elilodwa, uzobuyela kanjani emuva, ulikholwa ngokungesikho iZwi elilodwa na?

84 Kuzofanele kube nento uNkulunkulu azokwehlulela ngayo izwe, nalowo nguJesu Kristu, iZwi. Sifanele siLikholwe lonke.

85 Qaphelani. Washo ukuthi yena, ukuthi, "Lamadoda kade elalele ukuhunyushwa kweZwi okuliphutha. Umshushisi aka . . . eLihumusha ngokuliphutha, u—uLihumusha ngokuliphutha, kini, njengoba enza nje kuEva. Isithembiso sikumakholwa kuphela; hhayi abazenzisi, abanqikazi, noma abantu abangabekezeli. Kukumakholwa kuphela. Futhi uma . . .

86 Ake ngisho lokhu. Uma ekhona ongahle azi noma ngabe lababafo bangabakholwayo noma qha, kufanele kube nguFakazi ovikelayo, ngoba Ungumphilisi weZwi. Niyabo? U . . . Njengomzimba wakho nje, umzimba wakho uyisiqephu senyama. Kodwa ngaphandle uma umoya uphakathi lapho, ukuphilisa lowomzimba, ufile. Futhi linjalo neZwi, lifile, ngaphandle uma uMoya oNgcwele uphilisa leloZwi. Futhi uma Engumphilisi weZwi, Ufanele azi ukuthi ngabe lababafo bangamakholwa ngempela yini noma qha. Ngicabanga ukuthi sinoFakazi ovikelayo okahle. Ufanele azi ukuthi ngabe Liqinisile noma qha. Ngoba . . . Wenza omuhle uFakazi ovikelayo ngoba Ungumphilisi weZwi.

87 Futhi, uFakazi ovikelayo ufuna ukubiza ukunakwa kwe—kweZwi elisekubuzweni lapha, esisanda kulifunda nje, umshushisi azama ukuthola icala lokubekwa icala ngokuphikisana neZwi. UFakazi ovikelayo ufuna ukuninakisa, ukuthi akuzange kubeke noma yisiphi isikhathi esithize sokukhululwa. Akazange asho ukuthi nini. Wathi nje,

"Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda." Akashongo ukuthi babezogxuma ngaso lesosikhathi. IZwi alikusho lokho. UJakobe 5:14 wathi, "Uma ugcotshwa ngamafutha," wathi, "umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa." Alishongo ukuthi babezogxuma ngayo leyonkathi. Alishongo. UMarku 16 akashongo ukuthi bayobeka izandla phezu kwabagulayo futhi kuyobakhona isimangaliso esenziwayo. Wathi nje, "Bayakusinda." Kwakwethembisa.

88 Manje, bonani ukuthi kuke kwabakhona yini abanye balaba abangakholwayo oke wanihumushela iZwi ngokungesikho, ethi, "Awu, *lona* wakhulekelwa. Abasukumanga ngani na? Ngangisemhlanganweni. Angizange ngibone lutho lwenzeka." Niyambona lowomhumushi abanaye na? Niyabona ukuthi balalele ini na?

89 UFakazi ovikelayo ufuna ukukhombisa kulenkantolo, kulentambama, ukuthi iZwi alishongo ukuthi babezogxuma ngayo leyonkathi. Wathi, "Bayosinda." Yilokho Akwethembisa. Akazange abeke sikhathi esithize. Futhi lokho kwakuya kumakholwa kuphela.

90 NoFakazi ovikelayo futhi ufuna ukunibizela ekunakeni lapha, kulentambama kulenkantolo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu lishiwo, nguJesu Kristu, ukuba libe yiMbewu. Nembewu ingamila kuphela uma iwela emhlabathini ovunde ngokwenele ukuphilisa imbewu. Futhi uma leMbewu iwela emhlabathini, futhi uvundiswe ngukukholwa, uzofanele uYiphilise. Kodwa uma kungekho lutho lapho . . .

91 Njengoba nje uma ubufuna ukuthekelisa ngegazi. Waya kutenipu, wazihlaba ngeshubhu nakutenipu, uzolithola kanjani igazi na? Akukho gazi lapho.

92 Kanjalo neZwi likaNkulunkulu alisoze laphiliselwa enhliziyweni yongakholwa noma umnqikazi. Lifanele liwele ekukholweni kwangokoqobo okukholwa ukuthi kodlula amazulu nomhlaba, kodwa leloZwi alisoze lehluleka, njengo Abrahama, owabiza izinto ezingekho, ngokungathi zazikhona; wethemba ngokumelana nokwethemba. Wamkholwa uNkulunkulu.

93 Manje sithola ukuthi loFakazi ovikelayo ufuna ukubiza lokhu ekunakeni, ukuthi iZwi liyiMbewu ukuthi umhlwanyeli wahlwanyela. Kulotshiwe emBhalweni, ukuthi iZwi liyiMbewu. Nembewu ifanele iwe. NomBhalo uthi, "Enye yawela emhlabathini onamatshe, nezinyoni zezulu zayithatha. Enye yawa nje isikhathi eside ngokwenele ukuba ithole izimpande ezenele ukuba imile, nameva namakhakhasi ayiminyanisa. Kodwa enye yaya emhlabathini olungileyo, futhi yathela ngekhulu." Ufuna ukunibizela ukunaka lokho.

94 Futhi Ufuna ukusho, ukuthi, "Uma leliZwi, kulomhlangano kaMoya oNgcwele, lapho abantu babebekwe izandla, kusebenza kuphela kumakholwa. Akukho-sithembiso phakathi lapha kodwa ukwehlukana Phakade noNkulunkulu, kwabangakholwayo. Kukumakholwa kuphela!"

95 Omunye wathi kimi, kungekudala, wathi, "Angikhathali ukuthi kukangakanani. Angikholwa."

96 Ngathi, "Impela qha. Akusikho okwabangakholwayo. Kungokwabakholwayo, labo abakholwayo."

97 Manje, ofakazi abavikelayo, uFakazi ovikelayo, njalo, ufisa ukubiza ufakazi. Unelungelo lokubiza ofakazi, naye. Ngakho uFakazi ovikelayo ufisa ukubiza ufakazi waKhe wokuqala ophikisana nalokhu, nangeZwi.

98 Sizobiza uNowa aye emsamo, kulentambama, phambi kwalenkantolo, ukuba anikeze ubufakazi bukaMmangalelwa. UNowa wayengumlimi ojwayelekile nje, kodwa wayengumprofethi. "NeZwi leNkosi liza kubaprofethi." IBhayibheli lasho njalo. Futhi uNowa waphila, ufuna ukufakaza ukuthi wayephila onyakeni wesayense ngempela, omkhulu kunalowo esiphila kuwo manje. Wayephila esikhathini lapho ababekwazi khona ukwakha isivivane, babekwazi ukwakha amabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe, esingenakukwenza. Asinayo imishini ukukwenza ngayo. NoNowa wayephila esikhathini esikhulu, futhi wayephila esikhathini sesayense.

99 Futhi manje-ke uthi iZwi leNkosi liza kuye, emva kokuba yena engumprofethi oqinisekisiwe, ukuthi iZwi leNkosi liza kuye lase lithi, "Lungisa umkhumbi, ngokuba lizokuna." Futhi lalingakaze line, kuwo wonke umlando womhlaba. Futhi phezu kobufakazi bakhe nofakazi wakhe kaNkulunkulu, futhi wathi uNkulunkulu wayemtshele kanjalo, "Futhi konke okwakungaphandle kwalomkhumbi kwakuzobhubha."

100 Nososayense babekwazi ukushutha inyanga, ngalolosuku, ngerada yabo umshini okwazi ukukhombisa izinto ezisasithekile nokunye nokunye, ngoba uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa," uhlobo olufanayo lonyaka. Washo ukuthi babekwazi ukufakazisa ukuthi kwakungekho-mvula phezulu lapho, nokuthi uMnu. Ang'kholwa lapha, noMnu. Mhleki ohleka usulu, uMnu. Mnqikazi, ukuthi babevame ukumhambela njalonjalo futhi bahlekisa ngaye, ngokukholwa yinto engubudedengu obunjalo. Babenjalo, bezisho ukuthi bangamakholwa emuva lapho, kodwa wathi, "UNkulunkulu akayishongo into enjengaleyo."

101 Nokho, wayengumprofethi, neZwi leNkosi liza kuye futhi lamtshela ukuthi akwenze. Futhi wahamba, elungisa umkhumbi. Walungiselela, futhi wakha umkhumbi. Emva

kokuba eseqede umkhumbi; futhi uMnu. Mnqikazi, noMnu. Ang'bekezeli, nalabo behamba bezungeza umkhumbi.

Niyabo, wena uthi, "Ngabe baphila emuva lapho na?"

102 Lalelani, uNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe. UMoya owawuphezu kukaElija, ufika phezu kukaElisha, futhi kwehle njalo, futhi kwehle njalo. UMoya wawuphezu kukaJesu, uza phezu kweBandla, futhi kuqhubeke njalo, futhi kuqhubeke njalo.

103 Nodeveli uthatha umuntu wakhe, kodwa neze umoya. Umoya ofanayo, umoya wenkolo, usaphila kwehle njalo, njengoba wawunjalo kubaFarisi. Ukhona lapha eTucson, eArizona, ungakholwa nje impela, futhi nje impela—futhi impela nje unesivumokholo futhi—futhi ungowamasiko njengoba lowo wawunjalo. Hhayi lapha eTucson kuphela; ngumhlaba jikelele.

104 Futhi kanjalo noMoya oNgcwele uyiwo ngempela nje kulobubusuku njengoba wawunjalo kunoma yisiphi isikhathi, uJesu Kristu.

105 Qaphelani. Ufuna ukusho ukuthi lababantu bahlekisa ngaye, ngokuba ngumuntu o—o—o—o—onobuhlongandlebe kangaka, obengeke abe nomuye umqondo futhi angabi nobunye ubuhlakani kunokukholwa ukuthi amanzi ayezokwehla evela lapho okungekho manzi khona, futhi ayengakaze ehle. Kodwa, nokho, uNowa wathi wabambelela akangatatazela futhi wakholwa ukuthi lalizokuna, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukwenza noma yini Ayethe Wayezoyenza, ngakho-ke wakha umkhumbi.

106 Futhi emva kokuba umkhumbi usuqediwe, wahlala emnyango womkhumbi. "Base bethi, 'Manje, wena luhlanya,' uMnu. Ang'kholwa, uMnu. Mhleki ohleka usulu. UFakazi ovikelayo . . . Noma, ofakazi bomshushisi." Wathi, "Bedlule ngakimi. Futhi bathi, 'Manje umkhumbi wakho sewakhiwe. Manje uneminyango yakho kuwo. Futhi iphi imvula yakho na?' Kodwa kwakubukeka kukubanyana," wathi, "ngezikhathi. Kodwa, nokho, ngangazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukugcina iZwi laKhe. Akazange asho ukuthi lalizokuna nini. Wathi lalizokuna. Futhi yilokho kuphela okwakuzobakhona kukho. Akazange asho ukuthi lalizokuna nini. Wathi nje lalizokuna. Futhi ngangazi ukuthi lalizokuna, ngoba Wangakhisa umkhumbi. Futhi ngahlala angangatatazela."

107 Futhi manje-ke sithola ukuthi, ngoMeyi ziyishumi, wangena emkhunjini, ngokunye ukusa, nomnyango wavaleka emva kwakhe, futhi akukho-muntu owayengawuvula.

108 Kwase kuthi-ke uMnu. Ang'kholwa, uMnu. Mnqikazi, bahamba bazungeza umkhumbi futhi bamhleka futhi bahlekisa ngaye, base bethi, "Manje, wena muntu omdala obambelele kokudala, uvale lowomnyango, futhi ngicabanga ukuthi usibheke ukuba sikholwe ukuthi enye Into ethize iwuvalile.

Siyawazi amaqhinga akho. Awuhlukile ekubeni umlumbi. Futhi nje ungomunye walaba lapha uhlobo lwabafo oluzama ukusebenzisa amaqhinga. Futhi kungolunye uhlobo lwehlaya ngokukhohlisa. Futhi wena uvale umnyango."

109 "Kodwa," wathi, "phakathi kwakho konke lokho, bengilapho. Ngisibonile isandla sikaNkulunkulu sivala umnyango."

110 Manje-ke, usuku lokuqala, sizothi, "Sizobona ukuthi liyana yini." Usuku lokuqala, alinanga. Usuku lwesibili, alinanga. Usuku lwesithathu, alinanga. Kwaqhubeka, kwaze kwaba wusuku lwesikhombisa.

111 Futhi ngithanda ukuma lapha, ebufakazini bukaNowa, futhi nginazise lokhu, ukuthi kuzofika isikhathi ukuthi lapho abesilisa nabesifazane, ibandla, liyoqhubeka ngqo lishumayela futhi bekholwa ukuthi bayasindiswa, lapho umnyango uyovalwa njengoba kwakunjalo nje ngaleyonkathi. Uma ungekho phakathi, ngena manje, ngoba uNkulunkulu uzovala umnyango futhi asisayikubakho isihawu. Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

112 Khumbulani, ngesinye isikhathi ngisho abafundi bathi kuJesu, "Basholoni ababhali ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala na?" labobafundi.

113 UJesu wathi, "Usefikile vele futhi anikwazanga." Futhi baqonda ukuthi kwakunguJohane umBhaphathizi; wayekade elapha emhlabeni, futhi wayekade esenqunywe ikhanda futhi wenyukela eNkazimulweni. Futhi into ababeyibhekile yayisivele seyedlulile.

114 Ngolunye lwalezizinsuku, abesilisa nabesifazane bayomemeza. Kuyobe sekukude kakhulu, sekuleyithi kakhulu. Umnyango uyovalwa. UJesu uthi kuyoba ngaleyondlela. "Izintombi ziyafika zase zingqongqotha emnyango, zase zithi, 'Singeniseni.' Zazifuna ukuthola amanye amaFutha." Kodwa zazifanele zithole amaFutha ngenkathi amaFutha esanikezelwa. Zangqongqotha emnyango. Kwathi, "Zaphoswa ebumnyameni obungaphandle lapho okuyoba khona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo." Ngizama kuphela ukwenza lowomugqa omncane onganhlanye wokuvikela, enkantolo manje, we—weZwi.

115 Manje, uNowa wathi, "Kodwa emva kweminyaka eyikhulu namashumi amabili, ngokunye ukusa amafu aqala ukuphakama, nemvula yafika. UNkulunkulu wakwethembisa. Akazange asho ukuthi kuyokwenzeka nini. Babecabanga ukuthi kwakuzokwenzeka ngalo leloviki Amtshela ngalo. Futhi nganginomqondo wokuthi kwakuzokwenzeka ngaleloviki. Futhi ngangiqinisekile ngenkathi sengiqede umkhumbi ukuthi kwakuzokwenzeka, kodwa akwenzekanga. Kodwa ngahlala

angangatatazela ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso. Akazange alusho nje usuku elizokuna ngalo. Wathi lalizokuna." Ngakho, yena, ufakazi uyehla.

116 Ufakazi olandelayo uyenyuka, ongubaba uAbrahama. Sizombiza. Wathi, "O, yebo, ngiyamazi uMnu. Mhleki ohleka usulu lapha. Ngi—ngiyamazi uMnu. Ang'kholwa, uMnu. Mnqikazi, o, lowoMnu. Ang'bekezeli. Ngangingumprofethi, nami, osukwini lwami. NeZwi leNkosi lafika kimi lase lithi, 'Zahlukanise nalababantu, ngokuba uzoba nengane ngoSara umkakho.' Wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, futhi mina nganginamashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Yena wayethi akabe namashumi amabili-nanhlanu, iminyaka engamashumi amathathu esedlule ukunqamuka ukuya esikhathini. Ngamshada. Wayengudadewethu ingxenye. Ngamshada eseyintombazane nje, nami ngisengumfana. Sishiyana ngeminyaka eyishumi ebudaleni bethu, futhi ngamshada. Waba ngumkami. Sasihlale ndawonye yonke leminyaka, futhi wayeyinyumba nami ngangingazali. Futhi nokho, ngingumprofethi, iZwi leNkosi leza kimi lase lithi, 'Uzozala umntwana ngoSara.'"

117 "Awu, ngenkathi ngitshela uSara lokho, wehlela ezansi nedolobha wayesethenga iwuli ephothiwe wayesenza amabhuzu, wayeselungiselela iziqhano nayo yonke into. Nezinsuku ezingamashumi amabili-nesishiyagalombili zedlula. Ngathi, 'Uzizwa unjani, s'thandwa na?'"

118 "Wathi, 'Akukho kwehluka.' Kodwa ngabambelela angangatatazela, ngoba ngangazi ukuthi kwakuyiZwi leNkosi." Kunjalo.

119 "Sawela ukuba siyobona udokotela, futhi wasixosha eofisi." Ikhehla, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala; nowesifazane, amashumi ayisithupha-nanhlanu, bezoba ne ba-. . .

120 Niyazi, uma uthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, kungakhathaleki ukuthi isimo sakho siyini, Wenza isithembiso.

121 Wayesethi, "Ngaya kudokotela, nodokotela wasixosha eofisi."

122 "'Ikhehla elinjengawe?' Wathi, 'Mbukeni. Uxakile kancane ekhanda lakhe.' Wathi, 'Kukhona okungalungile kumfo omdala.'"

123 Nabahleki abahleka usulu baqala ukuhamba bezungeza, bathi, "Abrahama, iphi leyondodana owawuzoba nayo ngoSara, emva kwenyanga yokuqala na? Ayikho into engalungile kuye, bangitshela kanjalo." Unyaka wokuqala wedlula. Akwenzekanga lutho. "Abrahama, yise wezizwe, usunabantwana abangaki manje na?" Kwedlula iminyaka eyishumi, kuselokhu kungekho kwehluka. Abahleki abahleka usulu!

124 "UMnu. Ukungabekezeli, wayelokhu engikhomba ngomunwe wakhe, 'Uyabo, akukho lutho kukho. Ngani, uma kunotho kukho, ubuyoba nayo. Lokho sekube yiminyaka eyishumi edlule. Ufanele ngabe usunayo leyongane, eminyakeni eyishumi.'"

125 Kodwa, wathi, "Ngabambelela angangatatazela, ngoba ngangiqiniseke ngokugcwele, lokho uNkulunkulu ayekushilo. UNkulunkulu akazange angitshele ukuthi ngangizoba nini naleyongane. Wathi ngangizoba nayo.

126 "Kodwa emva kweminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, ngenkathi sengineminyaka eyikhulu ubudala noSara enamashumi ayisishiyagalolunye, ingane iyafika enkundleni." Ungufakazi omuhle kakhulu. "Ngalinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Angizange ngingabaze ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa."

127 Futhi sizisho ukuthi singabantwana baka Abrahama, futhi asikwazi ukulinda kusukela ebusukwini obubodwa kuya kobunye. Kukhombisa nje ukuthi asisibo. Kunjalo. Bhekisisani, siya ohlangothini olungalungile.

128 "Niyabo," wathi, "Ngalinda iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. UNkulunkulu akangitshelanga, 'Ngenyanga elandelayo uSara uzokhulelwa.' Wathi, 'Uzoba nengane.' Futhi ngangiqiniseke ngokugcwele, akunandaba ukuthi ngase ngiguge kanjani. Futhi ngangazi ukuthi ngangizokubona kwenzeka, ngoba kwakuzoba ngumntanami. Amen. Akukho okuzongilimaza. Ukuguga, ukugula, ukufa, noma akukho okunye okungakwenza, kuze kugcwaliseke lesosithembiso. Futhi angingabazanga ngesithembiso, ngokungakholwa."

129 "Kodwa nsuku zonke, ngenkathi uSara ethi, 'Angizwa bungcono,' ngangiya ngokuqina. Minyaka yonke ngenkathi ethi, 'Awu, angibanga nayo kulonyaka.' 'Khona-ke uzoba nayo kulonyaka.' 'Angibanga nayo ngonyaka odlule.' 'Sizoba nayo kulonyaka.' Lokho kwaqhubeka njalonjalo, futhi njalonjalo, kungene unyaka futhi uphume, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Futhi ngoluny'usuku, ngambona ejika eba ngowesifazane osemusha. Ngaqala ukubona amandla ami efika. Nengane yazalwa, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva."

130 IZwi alizange lithi wayezoba nini nengane, kodwa lathi wayezoba nayo.

131 "Abrahama, ngiyazi ubungafakaza kaninginingi, kodwa yehla. Ngifuna omunye ufakazi." Kulungile.

132 UFakazi ovikelayo manje uzobizela phezulu ufakazi waKhe wesithathu. Lowo kuzoba nguMose. NoMose wathi, "Ngenkathi ngizalwa, ngazalwa ngingumprofethi." Ufuna nazi ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka.

133 Akunandaba ukuthi zingaki izincwadi enizifundayo kulezizitolo, ethi uNkulunkulu akakwenzi lokho, iBhayibheli lisalokhu lihlala liqinisile, ukuthi, "Iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka." Uzalwa kulelizwe, oyikho.

134 Futhi manje qaphelani. UMose, wayenesibonakaliso, ukuba ehle futhi akhombise kubantu, futhi kwakukhona iphimbo ukulandela lesosibonakaliso. Nokho, ngenkathi ehla nesibonakaliso asinikwe nguNkulunkulu. Manje, ningehluleki ukuthola lokhu, nkantolo. Ngenkathi ehla nalesisibonakaliso asiphiwe nguNkulunkulu esivela kuNkulunkulu, uMelusi uFaro wazama uku—ukusibhixa isiphiwo sakhe asiphiwe nguNkulunkulu, ngokumenza athi singumlingo. Wayenomuntu owayengenza into efanayo, umlumbi othize. Futhi wazama ukwenza isibonakaliso sakhe asiphiwe nguNkulunkulu sibe yicebo lokuphamba lomlingo oshibhile.

135 Bonke oMelusi abangoFaro abafanga ngalolosuku, niyabo. "Uhlobo oluthize lokufunda ingqondo, uhlobo oluthize lwamandla kaSathane." Nento yakho yayingukuthi, babizela phezulu abalumbi abathize abashibhile futhi benze yona leyonto efanayo ayenzayo.

136 "Kodwa," wathi, "lokho akunginyakazisanga, ngoba ngiyazi ukuthi iPhimbo elakhuluma kimi laliyiPhimbo langokomBhalo, kulesosihlahla. Wathi, 'Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngikubonile ukuhlupheka kwabo, futhi Ngiyasikhumbula isithembiso saMi.' NePhimbo . . . "

137 Noma kunjalo, kwakuyinqaba kakhulu ngalolosuku, ukuba into enjalo yenzeke. Babenazo zonke izinhlobo zamacebo okuphamba elumbo ababengazenza. Futhi uNkulunkulu umnika into ethize, isibonakaliso, esasibukeka sengathi sasiwuhlobo oluthize lwecebo lokuphamba lomlumbi oshibhile, ukuvivinya inceku yaKhe. O Nkulunkulu! Kodwa, wabambelela akangatatazela, ngoba iPhimbo elamthuma laliyiPhimbo langokomBhalo, futhi wazi ukuthi lalinguNkulunkulu.

138 Futhi niyazi, sithenjiswa leyonto efanayo ngezinsuku zokugcina, into efanayo ukuba iphinde futhi, laboJambre noJane ukuba babuye, ukumelana neNto yangeqiniso uma Isebenza. Kodwa ubuwula babo buyokwaziwa ngaleyonkathi. Nge . . .

139 Ngakho wazama ukuthatha omunye ozifanisa nomunye umuntu wenyama, omunye owazama, wahamba wazungeza futhi wazama ukuzifanisa ngesiphiwo uNkulunkulu amupha sona, ukusenza sibukeke sengathi sasingolunye uhlobo lwempahla eshibhile.

140 Kodwa uMose ufuna nonke nazi, kulentambama, lapho efakaza, ukuthi akunandaba ukuthi kunesithunzi kangakanani ukuthi umelusi wazama ukwenza isiphiwo sakhe sibukeke sengathi sasinesithunzi nolunye uhlobo lwecebo lokuphamba lomlumbi oshibhile, wayazi ukuthi kwakuyimiBhalo, ngoba

WawuyiPhimbo likaNkulunkulu elamtshela. Futhi wama wagxila. Futhi ufuna nina . . . ukunazisa, ukuthi kwase kukudala emva kwalokho, kodwa uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, wayesembuyisela ngqo endaweni ukuya lapho Ayethe uyofika khona, nabantwana bakwaIsrayeli.

UMose, uyehla.

141 UFakazi ovikelayo akabize omunye ufakazi. Futhi sizobiza uJoshuwa. UJoshuwa unobufakazi obumangalisayo lapha, athanda ukubunikeza.

142 Wathulisa abantu, washo. Ngenkathi uMose ebizela ngaphandle, oyedwa ovela kuwo onke amahlelo, ukuba abathumele e—ezweni elithenjisiweyo, uku—ukuyothola ukuthi ngabe izwe lalikhona ngempela noma qha. Babekade bekutsheliwe nje lokho. Ngokukholwa babehambe baze bafika lapho.

143 Ngakho uMose wadonsela ngaphandle iPresbyterian, iLuthela, iPentecostal, nawo onke. Wakhiphela ngaphandle omunye wabo, ngamunye, wayesebawezela ezweni elithenjisiwe. Futhi ngenkathi ababili babo sebebuya nobufakazi obubonakalayo, niyazi ukuthi kwenzekani na? Lonke iqembu liqala ukukungabaza. Ngenkathi bebone abaphikisana nabo ukuthi babebakhulu kakhulu, olunye uhlangothi lwalulukhulu kakhulu, "Ngani," bathi, "sibukeka sifana nezintethe, enhla ohlangothini lwabo, lawoma Amaleki na—namaHeti, kanjalonjalo." Wayesesho, ukuthi, "Thina—thina, ngani, sibukeka njengezintethe. Singeke sakwenza."

144 NoJoshuwa ufuna ukufakaza, "Ngabathulisa abantu." Wathi, "Thulani," eKadeshi-barineya, isihlalo sokwahlulela. Wathi, "Thulani, nonke. Anginilethele okwenu . . . leliZwi, kini. UNkulunkulu wasitshela, ezansi ngaleya, ngoMose nango . . . noma ngoAbrahama, ukuthi lelizwe lalingelethu. Wathuma iNsika yoMlilo phakathi kwethu, eyakhuluma kumprofethi wethu lapha esihlahleni esivuthayo. Futhi okushiwo yilomprofethi bekuyiqiniso. Futhi uNkulunkulu wasitshela ukuthi Wayesevele esinike lona izwe. Singaphezu kwamandla ukuba silidle, ngoba selivele lingelethu." Wathi, "Ngabathulisa abantu, futhi ngabathulisa."

145 Kodwa niyazi ukuthini? Kwakusemva kweminyaka engamashumi amane kamuva ngaphambi kokuba balidle izwe. Babesohambweni cishe lwezinsuku ezimbili kuphela, ukusuka eKadeshi, babeyobe sebewelele ezweni elithenjisiwe.

146 Ngingake ngime lapha umzuzu na? Nina maPresbyterian, maMethodisti, namaBaptisti, noma nina maPentecostal, iminyaka engamashumi amahlanu edlule sasiyobe sesiseZweni elithenjisiwe, kodwa naqophisana, nenza izinhlangano ezivela ohlangothini olulodwa, na*lena* ithola *lena*, na*lena* futhi ithola *lena*, nesambulo esisha, esikhundleni sokulandela

iZwi. Futhi manje sesibe namashumi amahlanu eminyaka ngakuloluhlangothi isiThembiso esigcwele.

147 Kodwa, khumbulani, kwakuyiminyaka engamashumi amane, kodwa uJoshuwa ufuna nonke nazi ukuthi uNkulunkulu waligcina iZwi laKhe, ngesizukulwane esisha sha. Walidla izwe elithenjisiwe njengoba lethenjiswa nje, Ngoba wabathulisa abantu eZwini likaNkulunkulu, ukuba abazise ukuthi uNkulunkulu wenza isithembiso, ukuthi lomprofethi ababemlandela wayengesuye umprofethi wamanga, ngoba izinto ayezenza kwakuhambisana ncamashi nomBhalo. Akunandaba ukuthi uFaro wayesho kanjani ngamanga ukuthi kwakuyikho, ukuthi bazama kanjani abalumbi ukuba bathi kwakuyikho, ukuthi babengayenza kanjani into efanayo, futhi wonke umuntu wenza into efanayo.

148 Futhi uJoshuwa ufuna nazi ukuthi kwakukhona indoda phakathi lapho, efuna ukwenza inhlangano ngabo. Igama layo kwakunguDathani, futhi yena noKora. Futhi basukuma, bathi, "Kunamanye amadoda angcwele kunawe."

149 UNkulunkulu akasebenzani namaqembu. Ngabantu ngamunye. Angeguquke. UNkulunkulu akwenzayo, ekuqaleni, Uzofanele ahlale njalo eyilowo ofanayo.

150 Lapha, bukani. Isinqumo sokuqala sikaNkulunkulu sokuba asindise umuntu sasingokuchitheka kweGazi saLowo ongenacala. Akukaze kuguquke. UNkulunkulu akaguquki neze. Sizame ukubakhela amadolobha. Sizame ukwakha imibhoshongo. Sizame ukubafundisa imfundo. Sizame ukubahlela. Futhi siqhela kakhulu, ngaso sonke isikhathi. Yindawo eyodwa kuphela umuntu angahlanganyela kuyo, leyo ingaphansi kweGazi elichithekile laLowo ongenacala. Yileyondlela kuphela esiyoke size sikukholwe ngayo. Indlela kuphela esingabuthana ndawonye kuyo, ingaphansi kweGazi elichithekile longenacala. UNkulunkulu akayiguquli neze indlela yaKhe. UNkulunkulu, akukho sikhathi, lapho ake akangasebenzana nomuntu oyedwa ngamunye. Akayikukusindisa ngoba uyiMethodisti, noma ngoba uyiPentecostal. Uyokusindisa njengomuntu ngamunye, hhayi njengeqembu. Akakwenzi neze lokho. Usindisa abantu ngamunye, oyedwa, umuntu oyedwa nje Asebenzana naye.

151 UMose wakhala phambi kweNkosi, neNkosi yathi, "Zahlukanise, Mose. Ngakubiza, nalomlayezo." Futhi Wadedela izwe libagwinye bonke. Ngakho uJoshuwa ufuna nikuqonde lokho, futhi.

152 Manje, emva kokwehla kukaJoshuwa, sizobiza omunye ufakazi ngokukhulu ukushesha, ukuze singathathi isikhathi eside kakhulu. Ngifuna ukubiza uIsaya. Bengingabiza amakhulu, kodwa ngizobiza nje laba futhi abangangababili bese-ke ngiyayeka.

153 UIsaya, umprofethi, wathi, “Ngosuku lwami, iNkosi yangiqinisekisa njengomprofethi waYo. Futhi siyazi ukuthi iZwi liza kumprofethi. Bese kuthi-ke, yonke into engiyishilo, uNkulunkulu wayihlonipha futhi wayenza yafezeka. Kusukela ngisengumfanyana, ngakhula, yonke into eyashiwo iyafezeka. Ngaqinisekiswa phakathi kwabantu njengomprofethi.

154 “Kwase kuthi-ke ngoluny’usuku uNkulunkulu unginika into engubudedengu kakhulu ukuyisho, engangingacabanga ngayo. Wathi, ‘Intombi iyakukhulelwa. Ngizomnika isibonakaliso esikhulu. Ngizonika uIsrayeli nezwe isibonakaliso esikhulu. Bafuna izibonakaliso, ngakho Ngizobanika isibonakaliso esikhulu. Intombi iyakukhulelwa.’ Futhi mina, ngingumprofethi oqinisekisiweyo, ngenza into engubudedengu obungaka njengaleyo, kodwa ngiyazi ukuthi kwakuyiphimbo likaNkulunkulu.”

155 Futhi niyazi, ungahle usho lokhu. UIsaya angahle afakaze enkantolo kulentambama, futhi asho lokhu, ukuthi, cishe impela zonke izintombi ezazikhona kwaIsrayeli zalungiselela ngezingubo zengane, ngoba yayizoba yintombazane eyayizoba nayo. Kunjalo. Yayizoba yintombi. Zonke zalungiselela. Futhi enye yazo yayazi, ngenyanga ezayo yayizokhulelwa . . . ngentombi. Yayizoba yintombi, ekhulelwayo, ngoba uIsaya, umprofethi, wayengumprofethi oqinisekisiwe. Noma yini ayeyisho eGameni leNkosi iyafezeka. Futhi manje uthi, “Intombi izokhulelwa.”

156 Nabesifazane bathatha amantombazane abo amancane, “Indodakazi yami iyoba yileyo.” Omunye, *lokhu*, *lokhu,* enhle, “Iyoba ngeya*leli*qembu. Iyoba ngeyale*li*qembu. Iyoba ngeya*lelo*qembu.” Wonke lawa, wona, onke awamadodakazi abo yayizoba nalengane, ngoba umprofethi wathi kwakuyiyo.

157 Futhi lesosizukulwane sadlula. UIsaya wafa. Isethembiso asifezekanga, kodwa iminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva. UNkulunkulu akashongo ukuthi intombi iyakukhulelwa nini. Wavele wathi nje iyakukhulelwa. Ufuna nazi lokhu, ukuthi uNkulunkulu akazange asho ukuthi, “Ku*lesi*sizukulwane, noma nga*lesi*sikhathi, noma isikhathi *esithize*, noma into *ethize*, lentombi iyakukhulelwa.” Wavele wathi nje, “Intombi iyakukhulelwa.” Kwaba yiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, kodwa leyontombi yakhulelwa. Niyabo? UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Niyakukholwa lokho na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . noma yisiphi isikhathi sakhe ukuba akwenze.

158 Manje, bengingabiza zonke izinhlobo zofakazi abavikelayo lapha, noFakazi ovikelayo, njalo, ukuba anikeze ubufakazi. Bengingabiza abantu bephuma lapha. Kodwa uma—uma lenkantolo izongixolela, ngingaba nenhlanhla yokuba ngufakazi olandelayo na?

159 Angizukukhuluma ngoMose, nento ethize eyenzeka emuva lapho, noma into ethize eyenzeka eminyakeni engamashumi amahlanu eyadlula, noma into ethize eyenzeka, iminyaka eyikhulu eyedlula noma iminyaka engamakhulu amahlanu eyedlula. Ngizokhuluma ngento ethize eyenzeke manje. Ngifuna . . . Ngiyakholwa . . . Futhi ngifuna ukuba ngufakazi olandelayo, ukufakaza namhlanje, ukuthi, iZwi likaNkulunkulu elithenjiselwe lolusuku; hhayi izinsuku zikaMose, hhayi usuku lwabafundi, hhayi usuku lukaLuther, hhayi uSuku lwePhentekoste, hhayi usuku lweMethodisti.

160 Kodwa, lolusuku, ngifuna ukunikeza ubufakazi kulo, ebhokisini. Futhi uma nizoxolela lento eqondene nomuntu siqu sakhe. Ngoba, kuzofanele kube ngufakazi oqondene ngqo, futhi bufanele bube yiqiniso. Ngoba, ngiyazi ukuthi Ubani Esimvikelayo, futhi Yena uzokwazi ukuthi kuyiQiniso noma qha.

161 Ngikholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, nomlayezo wolunye usuku awuzukulufitha lolusuku. Ungeke. Kuzofanele kube nguMlayezo wanamhlanje, hhayi ukuthi wawungoweminyaka eyishumi eyedlula. Umlayezo walelihora, uMlayezo walesisizukulwane, iZwi liyawukhuluma. Manjeke uma iZwi lethembisa, kuzofanele kube nento ethize eliqinisekisayo.

162 Futhi yilesosizathu behluleka ukwemukela uJesu ngenkathi Eqala ukufika phezu komhlaba, yingoba babephila phansi kwesiko. Futhi uJesu wabatshela, wathi, "Hlolani imiBhalo. Ifakaza ngaMi."

Bathi, "Singabafundi bakaMose thina."

163 Wathi, "Ukuba beningabafundi bakaMose, beniyakungikholwa Mina, ngokuba uMose waloba ngaMi. Bukani emBhalweni."

164 Nalawo ayizimpumputhe, amadoda amasiko, nokho amadoda alungileyo, amadoda angcwele, akekho owayengawakhomba isici. Ayengabapristi. Ayephila isibonelo. Ayengamadoda owawungeke uwakhombe isici, ngoba, uma ukwenzile, ayengakhandwa ngamatshe. Ayengamadoda alungileyo. Ayebophezelekile ukuba abe ngamadoda alungileyo, ngomthetho. Futhi akhuliswa, kusukela esizukulwaneni kuya esizukulwaneni, amadodana awo namadodana angabazukulu, namadodana angabazukulwane, onke ayefanele abe ngabapristi, abaLevi. Futhi nokho amadoda, kulezozikhungo zokuqeqesha, ayengazi lutho olunye kodwa ikholiji neBhayibheli, futhi ayephuphutheke kakhulu ehluleka ukuMbona.

165 Bekungenzeka yini ukuthi singena kulokho futhi na? Khumbulani, umBhalo ofanayo wathi siyongena, kunjalo impela, wathi siyokwenza. Manje, njengobufakazi obuqondene nomuntu siqu sakhe . . . Ngezinye izikhathi sithola izinto

zibekwe kanjalo ndawonye, ukuthi siba nesitashi kakhulu ku*lokhu*, ukuthi *lesi* isivumokholo, *lena* yinto esifanele siyenze, size siKugeje ngamamayela ayizigidi. Futhi ngicabangela ekutheni sizokwenza into efanayo, ngoba umBhalo wathi siyokwenza.

166 Manje, njengento eqondene nomuntu siqu sakhe, kodwa ayingabonisi. Ngithemba ukuthi yingoba nje ngisebhokisini lofakazi kulenkantolo.

167 Ngikholwa ukuthi sisehoreni lokuFika kweNkosi. Ngikholwa ukuthi lokhu ukuzamazama komhlaba okuningi nezinto esinazo, lenyanga aba . . . Phezulu lapha ekuhloleni nezinto, babukela lenyanga. Itshaza ukubheduka okubukeka kusagazi kwingaphakathi layo. UJesu wathi inyanga iyakuphenduka igazi, futhi kuyakubakhona ukuzamazama komhlaba okuningi umhlaba wonke jikelele, ngalezo—ngalezozinsuku ngaphambi kokuFika kwaKhe. Washo yena ukuthi usuku luyobe luhlezi ngayo impela nje indlela oluyiyo.

168 Futhi ngiyakholwa, nkantolo, ngifuna ukusho into ethize kini kulentambama, ukuthi, angiboni-nto eyodwa eMvimbelayo ekufikeni khona manje. Ukuthi, izwe, ukuba benginesikhathi bengingakufakazisa kini, lihlezi ngokupheleleyo, ngisho nangamagama nesikhundla, indlela elifanele lihlale ngayo uma Efika. Linini ihora na? Angazi. Akekho owaziyo. Kodwa Wathi, “Nxa sekufezeka lezi, bhekani phezulu.” UIsrayeli usekhaya lakhe lendabuko. Yonke into ihlezi nje ngakho impela, yokuFika kwaKhe.

169 Manje, ngenkathi ngiseyinganyana. Abantu bakithi, kusobala, bengabesizukulwana sama Irishi, mhlampe phambilini sasiyiKatolika, kodwa ubaba wami nomama babengasonti nhlobo. Ekhaya elincane lasezintabeni, enhla esifundazweni saseKentucky; ngokunye ukusa, ngoApreli ziyisithupha, ngo 1909, endlwaneni endala eyayingenawo ngisho amafastela kuyo; okufana nomnyango omncane nje, wawuhamba, kungenisa ukukhanya. Ngenkathi iNkosi uJesu ingivumela ukuba ngize emhlabeni, ngiyizibulo likamama nobaba; yena eneshumi nanhlanu, ubabayi wami eneshumi nesishiyagalombili. Nasotshanini obomile obuncane bokumboza umatilasi.

170 Ngiqagele ninabantu khona lapha anazi neze ukuthi babuyini utshani obomile bokumboza umatilasi. Kodwa, thina, bangaki abake bazi ukuthi babuyini utshani obomile bokumboza umatilasi na? Awu, ningabakuyiphi ingxenye yeKentucky na? Niyabo?

171 Ngakho manje-ke, utshani obomile bokumboza umatilasi, otshanini obomile obuncane bokumboza umatilasi, nephilo lamakhoba, lowombhede owodwa omncane ekamelweni. Ikamelwana elilodwa, nekhishi elincane, kwakuthi nje akube,

yonke into ndawonye, yayingebe amafidi angamashumi amabili, ngakho konke. Indlwana endala encane yezingodo, lingekho nhlobo iphansi, itafula lenziwe ngesiqu.

172 Futhi lapho, kulelokamelo elincane, ngenkathi uJesu Kristu engivumela ukuba ngize emhlabeni. Ngingasho lokhu kuphela ngobufakazi babazali bami, owayengesuye okholwayo. Kodwa babengenazibani njengoba sinazo lapha, kungekho ngisho nelambu lamafutha amalahle.

173 Angazi noma senake nalazi ilambu likagrisi ukuthi laliyini, noma qha. Uthatha amafutha engulube bese uwafaka ekanini, bese ufaka uphisi omncane weflanela kulo, bese uyalikhanyisa, liyovutha.

174 Ukukhanya, lokho kusesekuseni ekuseni, kwakungeke kukhombise ukukhanya okwenele ukwenza umama abone ukuthi ngangiyini, noma ngangibukeka nginjani. Base bevula lelifastela elincane eceleni ngaseMpumalanga, ngokuba ezinye izinyoni amarobini yayihlezi ezihlahleni phandle lapho, ikhala, lapho kusa ngelesihlanu nqo.

175 Futhi ngenkathi bevula ifastela, iNsika yoMlilo, ukuKhanya, kweza kuhamba ngefastela, kwase kufika kwase kulenga phezu kombhede omncane. Umama wami wadazuluka. Umbelethisi wayelapho. Sasingenadokotela. Nombelethisi wayelapho. Babengazi ukuthi Kwakuyini.

176 Cishe emavikini amabili emva kwalokho, ngathwalwa ngayiswa ebandleni elincane leBaptisti, elalibizwa ngeOppossum Kingdom. Umfundisi wangigona ngezingalo zakhe wayesenginikela kuNkulunkulu.

177 Abantu basezintabeni babengazi ukuthi bazocabangani ngaLokho. Bona, babatshela. Bacabanga ukuthi mhlawumbe umama wayephambene ikhanda nje, noma nje wacabanga lokho.

178 Iminyaka emithathu kamuva, siza eIndiana, nobaba wathola umsebenzi. Wayengumgibeli, efundisa amahhashi enzela abaqaphi bamaplazi ezinkomo nabalimi, kanjalonjalo. Uphumela lapho efundisa amanye amaponi okusebenza, e— esicebi esigama lingu O. H. Wathen, wakhe eUtica Pike. Ungumnikazi omkhulu weColonels, kanti futhi neR.E. Wathen Distillery, nabobonke eLouisville, no O.H. no R.E. Nobabayi wayemfundisela amahhashi agitshelwayo. Wayeselimala-ke, wayesehamba eyoba ngumshayeli wakhe wangasese.

179 Futhi sengineminyaka cishe eyisikhombisa ubudala, ngangena esikoleni. Futhi ngomunye uSeptemba ntambama . . . Ngiyakuzonda ukukusho lokhu, kodwa ngisebhokisini lofakazi. Ubaba wami, engumIrishi ngempela, umKentucky wokuqina, wayezenzela uphuzo lwakhe uqobo. Futhi ngangithutha amanzi ngiwayisa kulomshini omncane wotshwala ayenawo, futhi ngangingenakuya ukuyodoba kwingemuva lesiziba.

Ngangikhala, ngithutha amanzi cishe ibanga lendlu, ukusuka endlini yokukhweza izimpahla, lapho amahhashi ayehlala khona. Futhi ngangithutha manzi lapho, ukuba ngenyuke ukuba ngipholise okhoyela kulowomshini wotshwala ngalobo busuku.

180 Ngahlala phansi phansi kwesihlahla sompopula esimhlophe, futhi ngangikhala. Ubuso obuncane obungcolile, izinwele zilenga, ihleza lommbila phansi kozwani lwami, ngiluvikela kolwaba yisijuqu esikhulu, niyazi, ngilokhu ngihamba kanjalo, ngivela esikoleni. Bonke abanye abafana wayephandle esizibeni esidala esingu ayisi, bedoba. Ngangihlezi lapho, ngikhala. Ngacabanga, "Kungani ngidingeke ukuba ngenze lokhu na? Bona abanye abantwana abakwenzi lokho."

181 Futhi okwakuyikho, umsindo wafika kulesosihlahla, njengomoya ovunguzayo uphenduka, njengesivunguvungu. Ngase ngisukuma ngase ngibheka ngemuva. Futhi ngisebhokisini lofakazi, khumbulani. Kwakukhona iPhimbo elakhuluma livela kuleso, lathi, "Ungalokothi ubheme, noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho. Kunomsebenzi wakho ozowenza uma usukhulile." Kwangethusa kwathi akuphume ukuphila kimi. Ngase ngiqhubeka. Izinto ziqala ukwenzeka. Izinto ziqala ukuprofetha futhi zenzeka. Futhi manje, ngenkathi ngisengumfanyana, ngaleyonkathi, cishe iminyaka eyisikhombisa ubudala.

182 Manje-ke, cishe iminyaka eyishumi nesikhombisa emva kwalokho, ngangi, ngase ngibe ngumfundisi, umshumayeli oyiBaptisti, weMissionary Baptist Church. UDkt. Roy E. Davis wangigcoba njengomunye wabelusi bendawo, unginika amalungelo ngaleyonkathi, ngohulumeni, ukuba ngishadise, ngingcwabe, ngibhaphathize, kanjalonjalo. NeMissionary Baptist Church yasha, engangingumsizi kamelusi, ngesikhathi. NoMnu. Davis ubuyela eTexas, owayengowasezintabeni iDavis, futhi—futhi ezansi eduze kwaseVan Horn, eTexas. Yilapho abavela khona. Futhi ngakho, esahambile, ngaqala ukuphatha ibandla. Ngathola ithende, ngase ngiqala ukushumayela edolobheni, futhi umfana ongumshumayeli nje.

183 Futhi nganginenkonzo yombhaphathizo ezansi emfuleni, ngo 1933, phakathi noJuni, cishe ziyishumi nesithupha noma ishumi nesishiyagalombili zikaJuni. Futhi ngimi phandle lapho, kwakukade kushisa kakhulu, amaviki. Kwakukade sekube ngamaviki amabili noma amathathu kungekho-mvula, nezwe lalilanguka, cishe. Futhi kwakukhona, ngiqagele, lapha kubantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa noma eziyisishiyagalombili onqenqemeni. Ngase ngiphumela emanzini, nophendukile wami weshumi nesikhombisa, ukuba ngimbhaphathize. Futhi ngenkathi ngibhaphathiza, ngaqala ukubhaphathiza, ngathi, "Njengoba ngikubhaphathiza ngamanzi, kwangathi iNkosi uJesu . . . "

184 Ngenkathi ngisho lokho, Into ethize yangishaya yase ithi, "Bheka phezulu." Futhi lapho ngiphenduka ukuba ngibheke, emva kwesikhathi sesithathu Yakusho, indawo cishe eyisikwele esingamafidi ayishumi nanhlanu yayiqungeka iyaphansi naphezulu kulezozibhakabhaka ezisathusi. Nasezansi lapho kwavela leyoNsika yokuKhanya efanayo engenayo ngenkathi ngiseyinganyana, eyakhuluma kimi esihlahleni esivuthayo, noma isihlahla emuva lapho ngalolosuku, futhi kufika kulesosihlahla, futhi kufika kwalengela lapho kukhona izinkulungwane zabantu.

185 Amaphephandaba ayekuqukethe esizweni sonke, kwayothi ngqu eCanada. Sinazo iziqephu ezisikiwe. "UkuKhanya okuyinkinga kubonakala phezu komfundisi oyiBaptisti wendawo esashumayela, noma ebhaphathiza."

186 NaleloPhimbo lehla lase lithi, "NjengoJohane umBhaphathizi wathunywa, ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, kanjalo noMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesibili kukaKristu."

187 Kwakungaba kanjani kanjalo na? Kwakungaba kanjani kanjalo na? Kwakubukeka sengathi kwakungenakwenzeka. Manje-ke ngenkathi Likhuluma, izinsuku ezimbalwa ukusuka kulokho, lase lisho. Futhi ngiqala ukubona lemibono nezinto ezazenzeka njalo. Kwakungesabisa.

188 Abazalwane bami bathi kimi, bathi, "Lokho ngokukadeveli." Abazalwane bami beBaptisti bathi, "Lokho ngokukadeveli."

189 Ngathi, "Niyazi, ngisuke ngimile nje, futhi," ngathi, "into yokuqala niyazi, kuyongena njengesiyezi, njengaso, noma into ethize." Ngathi, "Ngibona izinto ezenzeka njalo. Wangitshela, iminyaka engamashumi amabili-nambili ngaphambi kokuba lelobriji linqamule lapho, ukuthi lalinqamula lize liyofikaphi, ukuthi liyonqamula nini, nokuthi mangaki amadoda ayezolahlekelwa yizimpilo zawo. Futhi kwakungokuphelele, ngaso sonke isikhathi."

Kwase kuthi-ke abanye babo bathi, "Lokho ngudeveli."

190 Ngase ngisuka, ngase ngiqala ukukhala nokukhuleka, ngobunye ubusuku. Ngathi, "Nkosi uJesu, Uyayazi inhliziyo yami. NgiyaKuthanda. Mangife. Ungangivumeli ngibe nanoma yini . . . udeveli ukuba azihlanganise nganoma yini nami. Ngiqoka ukufa kunoma ngibe ngufakazi wamanga waKho."

191 Futhi kwakungalesosikhathi ngenkathi lokhu ukuKhanya kubuya futhi kwase kungikhombisa umBhalo, ukuthi ngalolusuku lento ifanele ukwenzeka. Nakhu kulele khona lapha emBhalweni manje. Sekube yiminyaka engamashumi amathathu kusukela ngalesosikhathi, kodwa ngingufakazi ukuthi yiQiniso. Ngingufakazi walezizinto ukuthi yiQiniso.

192 Futhi ake ngina—nakise lomshushisi ophuphutheke ngokomBhalo. Manje, lokhu kuzozwakala kuyinsini. Ophuphutheke ngokomBhalo, lomshushisi unjalo. Lokho, eNcwadini kaLuka oNgcwele, isahluko 17 nevesi 30, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma."

193 Manje, nifuna ukwazi ukuthi kukuphi lapho lona kungumuntu, ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Nifuna ukwazi lapho izibazi zezipikili nemilobo, nezinto na? Noma yimuphi umzenzisi ubengakwenza lokho.

194 UkuPhila kukaKristu kubuya ngesimo sikaMoya oNgcwele, hhayi isibazi sezipikili. U—umzimba wangempela uhlezi ngakwesokudla sikaNkulunkulu, ukwenza izinxuselo, kodwa uMoya oNgcwele uzele ukuzoqhuba umsebenzi waKhe. Ngifuna nazi, kuJohane oNgcwele 14:5, uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ngifuna futhi nazi ukuthi uJohane, ese 14 . . . noma isahluko 15 siyasho, ukuthi, "Mina ngingumVini; nina ningamagatsha." Futhi amagatsha angathela kanjani noma yiluphi olunye uhlobo lokuphila noma isithelo kunaleso esasisemvinini na?

195 Ningasho kanjani ninabantu ukuthi unyaka wabaphostoli wanqamuka na? Nikutholaphi na? Ungaphuma kanjani umvini bese uthela, namhlanje, ungaphuma bese uthela iolintshi, na*lolu*suku luthela ithanga na? Ubungadingeka ushintshe ukuphila kwawo. Futhi kuMalaki isahluko 3, uNkulunkulu wathi, "NginguNkulunkulu, futhi Angiguquki." Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho namhlanje. Futhi Wayelokhu ekhona njalo futhi uyohlala ekhona njalo.

196 Ngifuna ukunibiza, ninake, ukuthi umshushisi uzama ukunitshela ukuthi Wa—Wathi, "Ngangikhona" noma "Ngiyobakhona," kodwa kuyiphutha. Wathi, "Nginguyena izolo, namuhla, naphakade." Lomshushisi ulihumusha ngokungesikho iZwi.

197 Ngenkathi uJesu ethuma abafundi baKhe ukuba baye ezweni lonke, kuMarku 16 lapha, nokushumayela iVangeli kukho konke okudaliweyo. Kuze kufikephi na? "Lonke izwe," alikaze lifinyelele kulo. "Konke okudaliweyo," alikaze lifinyelele kulo. "Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyakulahlwa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela kuze kube sekupheleni kwezwe. Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayakusinda."

198 Ngifuna nazi futhi ukuthi uPetru, ngoSuku lwePhentekoste, owayenezihluthulelo kuwo uMbuso, ngenkathi esukuma eZenzweni 2:38. Wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, esabantwana benu,

nesabo bonke abakude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

199 Wanqamuka nini unyaka wabaphostoli na? Nakho ukuthunywa, "Ezweni lonke, kukho konke okudaliweyo, nawo wonke okholwayo." Ngifuna inkantolo ikuqonde lokho, ukuthi leso yisithembiso sikaNkulunkulu.

200 Ngifuna futhi niqonde, lomhumushi oyimpumputhe kubantu akawuqondi umBhalo. Wathi, lapha kuMarku, i—isahluko 17 nevesi 30, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Manje buyelani emuva. UJesu wayebhekise kuGenesisi ofanayo esibhekisa kuye. "Ngemihla yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje buyelani emuva futhi nibuke ukuthi kwakunjani ngemihla yaseSodoma, bese-ke nibona ukuthi sikuphi futhi nibone ukuthi yini efanele yenzeke manje. Ngemihla yaseSodoma, lapho . . .

201 UAbrahama, owayengumfanekiso, u . . . Thina, sifile kuphela kuKristu, sithatha inzalo ka Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso. Noma yimuphi wenu enkantolo, kulentambama, uyakwazi lokho.

202 Bhekisisani uAbrahama. Wemukela zonke izinhlobo zezibonakaliso, yonke into, kusukela kuNkulunkulu ongaphezu kwemvelo ngesimo sokuKhanya, kuhamba phakathi komhlatshelo. WaMemukela ngephimbo, kanjalonjalo. Kodwa isibonakaliso sokugcina uAbrahama asemukela phezu kwegquma eSodoma, ngaphambi nje kokuba izwe labeZizwe libhujiswe, kwakunguNkulunkulu uqobo lwaKhe ngesimo sesiDalwa esingumuntu. Niyaqonda, nkantolo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwakukhona iziThunywa ezintathu ezenyukela kuye. IziThunywa ezintathu, futhi waphuma ukuyozihlangabeza.

203 Ezimbili zazo, uOral Roberts noBilly Graham besimanje, ehlela eSodoma futhi ushumayela iVangeli, base bebaphuphuthekisa ngeVangeli labo.

204 Kodwa Lesi sahlala emuva lapho, esidla inyama yethole, saphuza ubisi oluphuma enkomazini, futhi sidla isinkwa, noAbrahama wageza izinyawo zaSo. Futhi Sahlala lapho, iNdoda. Futhi Sathi . . .

205 Manje, khumbulani, igama lakhe lalikade linguAbrama, usuku ngaphambi kwalokho, futhi wayeseshintshwe waba nguAbrahama. NoSarayi wayeseshintshwe waba nguSara. Futhi Sibhekisiseni, ukuthi Sithini, "Uphi umkakho, uSara na?" S-a-r-a. "Abrahama," A-b-r-a-h-a-m-a, "uphi umkakho, uSara na?"

206 Wathi, "Usethendeni emva kwaKho." Wayengakaphumi, njengabesifazane namhlanje, bafanele baziveze bona. Kodwa, yena, wayesethendeni ngemuva.

Sathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila."

207 NoSara wakungabaza enhliziyweni yakhe, futhi wathi phakathi kwenhliziyo yakhe, "Lezizinto zingeke zenzeka," ngoba, niyabo, njengobudlelwano bomndeni base bukude nabo. Wayeneminyaka eyikhulu ubudala, kanti yena wayenamashumi ayisishiyagalolunye. Wathi, "Mina ngibe nenjabulo nenkosi yami, nayo isigugile, futhi, phandle lapho na? Bekungenzeka kanjani na?"

208 NaleNdoda, Ifulathele ithende, yathi, "Ungabazeleni uSara, ethi, 'Lezizinto zingenzeke'?"

209 NoAbrahama waYibiza ngo "Elohim." Uma noma ubani azi ukuthi kusho ukuthini ukuthi *Elohim*, "Onele konke." UNkulunkulu uSomandla uqobo lwaKhe wabonakaliswa enyameni. WaMbiza kanjani uAbrahama ngalokho na? Ngoba ubone ukuthi leyoNdoda yayiyiZwi.

210 Manje, amaHeberu, isahluko 4 nevesi 12, athi iZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika-nhlangothi zombili, Elehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Futhi ngenkathi uJesu efika futhi wenza lesosimangaliso, ngokwehlulela imicabango yabo owawusenhliziyweni yabo, baMbiza ngoBelzabule.

211 Kodwa iZwi kulabo baprofethi njalo lalikwazi ukusho kungakenzeki nokubona okufihlakele. Lelo yiZwi lalolosuku. Yilokho okwababakhomba njengabaprofethi. Futhi khumbulani, Wathembisa ukuthi izwe lalizoba kulesosimo, futhi babezokwemukela lesosibonakaliso futhi ngaphambi kokuFika kwaKhe. Manje qaphelani kuLuka 17 lapha, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa khona."

212 Nizongixolela ngomunye umzuzu, ake ngivule enye into kini lapha, umzuzu nje, nkantolo na? Nizongivumela kulokhu, njengoba ngingufakazi na?

213 Niqaphelile lapha na? Akazange athi, "Lapho iNdodana ka*Nkulunkulu* yembulwa." Wathi, "INdodana yomuntu." UJesu ufika neziqu ezintathu: iNdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, iNdodana kaNkulunkulu, konke nguMuntu ofanayo.

214 Lokho kufana noziqu zintathu nje: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Hhayi oNkulunkulu abathathu! UMuntu oyedwa; izingxenye ezintantu ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu.

215 Manje, niyabo, njengoba nami ngingumuntu omthathu nje. Ngingumyeni kumkami. Endodakazini yami, ehlezi lapha, ngingubabayi. Nendodana yami engumzukulu, ehlezi lapho, ngingumkhulu. Manje, umkami unokungibiza kuphela njengomyeni wakhe. Nendodakazi yami lapha ngeke ithi, "myeni," ngoba ingumntanami. Indodana yami engumzukulu ingeke ingibize ngo "babayi." Kunjalo. Ayinakho ukungibiza

ngobabayi. Ingahle ingibize ngalokho, kodwa akunjalo. Iyindodana engumzukulu wami. Nokho, ngingumuntu ofanayo.

216 NguNkulunkulu Ezembula iveyili, Eziletha yena phansi, ukuze Abe yi . . . Wayengaphezulu, eNsikeni yoMlilo. Wayese-ke Ebonakaliswa eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu. Futhi manje wembulwe kithi, ngoMoya oNgcwele. Bhekisisani, ngenkathi Efika.

217 Niyazi ukuthi "Ndodana yomuntu" kuchaza ukuthini na? Bukani kuHezekeli, isahluko 2, futhi nizothola, uHezekeli 2:1. UJehova qobo lwaKhe wabiza uHezekeli, umprofethi ngokuthi, "ndodana yomuntu." Wabiza bonke abaprofethi ngokuthi, "ndodana yomuntu."

218 Futhi kungani pho uJesu azibize Yena uqobo ngeNdodana yomuntu na? Ngoba Wayefanele afike ngendlela abaprofethi abathi Uyofika ngayo. UMose, kuDuterenomi 18:15, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami." Futhi Ufikela ukuzembula Yena uqobo enzalweni yemvelo ka Abrahama, njengeNdodana yomuntu. Futhi baKubiza ngomsebenzi kadeveli.

219 Yenzenjalo neNzalo yobukhosi! Lokho kuzwakala kunendluzula, kodwa kuyaqondisa, futhi wuthando. INzalo yobukhosi namhlanje yenze into efanayo; bazama ukukubiza "ngokufunda umqondo, noma udeveli othize." YiNdodana yomuntu, uKristu.

220 Lowo kwakunguKristu kuHezekeli; uKristu kuMose; uKristu kuDavide. KwakunguJesu, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Ini? IZwi libonakaliswa ngalababaprofethi.

221 Kulaleleni, nkantolo, ngaphambi kokuba nenze isinqumo senu. IZwi liza kumprofethi. UJesu washo ukuthi umthetho wakini uthi owenu . . . ukuthi labo iZwi leNkosi eliza kubo ngonkulunkulu. NoJesu wavuma ukuthi babengonkulunkulu. Wathi, "Manje-ke, uma ningababiza futhi nibaqonde, umthetho wakini, nje ngonkulunkulu iZwi leNkosi eliza kubo, abaprofethi, nizoNgilahla kanjani uma Ngithi NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?" Kanti, UyiZwi eliqinisekisiwe lalelohora. Bathi babebakholwa abaprofethi, futhi nanti iZwi lalisekugcwaleni. Futhi noma kunjalo abaLikholwanga, ngoba babenesivumokholo sabo nesiko labo.

222 Bhekisisani manje, nkantolo, ngaphambi kokuba nenze isinqumo senu. Ake sithi nje ukuqhubeka kancane. Bhekisisani. INdodana yomuntu, baYibiza ngodeveli. Kodwa babefuna ukuYenza inkosi, niyazi, ngempoqo.

223 Bukani, ngenkathi uBartimewu impumputhe egijima emva kwaYo, wathi, "Ndodana kaDavide, hawukela," wakuthola akucelayo.

224 Kodwa ngenkathi owesifazane waseSirofenike, umGreki, oweZizwe, wagijima emva kwaYo wayesethi, "Ndodana kaDavide," Ayizange iphakamise ngisho nekhanda laYo. Wayengenakho ukuYibiza ngeNdodana kaDavide. Yayingesiyo iNdodana kaDavide kuye. Kodwa ngenkathi ethi, "Ndodana kaNkulunkulu," noma "Nkosi," okuyiNdodana kaNkulunkulu, wakuthola ayekucelile. Niyabo? AbeZizwe akanakho ukuYibiza njengeNdodana kaDavide. YayiyiNkosi. InguMbusi, kithi.

225 Futhi ngenkathi Izembula yona uQobo njengeNdodana yomuntu, njengoba umBhalo wathi Yayizokwenza. "Qhabo, mnumzane." BaLenqaba. "Yayingemprofethi." BabengenakuLikholwa. Babekade bengenaye oyedwa amakhulu eminyaka, futhi abaYikholwanga ukuthi ingumprofethi.

226 Ngenkathi Itshela owesifazane omncane mayelana nokuthi ayemangaki amadoda ayenawo, naye ekulesosimo, wayemiselwe ukuPhila. Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Ngiyazi ukuthi nxa uMesiya efika. Kade singenaye umprofethi amakhulu eminyaka. Kodwa ngiyazi, nxa Efika, yilesosibonakaliso Ayosenza, ngoba Uyoba yiZwi. Uyakwazi okusenhliziyweni yami."

227 Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." Nobufakazi bakhe babangela ukuba wonke umuzi ukuba uze kuKristu. Kunjalo. Bonke bakholwa.

228 Manje, bukani, njengeNdodana kaDavide, Wayekanye nomJuda. Kodwa iNdodana kaNkulunkulu . . . Manje bukani. INdodana yomuntu, umprofethi. Niyabo? INdodana kaDavide, inkosi. AbaMazisanga ngokuthi ungumprofethi. Babefuna ukuMenza inkosi. Babefuna ukukhululwa bakhishwe phansi koMbuso wamaRoma.

229 Kodwa manje-ke onyakeni webandla, Ubizwa ngeNdodana kaNkulunkulu. Manje, noma ubani uyazi ukuthi uNkulunkulu unguMoya. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NoMoya oNgcwele uyiNdodana kaNkulunkulu. Ungaphezu kwemvelo. INdodana yomuntu kwakungumprofethi, umuntu; uDavide wayeyinkosi; kodwa uNkulunkulu unguMoya. Futhi onyakeni webandla, Wembulwa njengeNdodana kaNkulunkulu. Siyakukholwa lokho. Anikholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, nilahlekile. UyiNdodana kaNkulunkulu onyakeni webandla.

230 Kodwa ngifakazeleni. Unyaka webandla wesikhombisa, okungunyaka webandla waseLawodikeya! Awu, besingavuma ukuthi lona ngunyaka waseLawodikeya na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khumbulani, Yena, iZwi, lakhishwa ebandleni. Kunjalo na? ["Amen."] Wakhishwa ebandleni! Futhi Wayengaphandle, ezama ukubuya angene, "Ngimi futhi ngingqongqotha emnyango." [UMfowethu Branham ungqongqotha kathathu epulpiti.] "Futhi wena uthi,

'Ngicebile, futhi kangisweli lutho.' Kanti kawazi ukuthi ungowokuhawukelwa, ophuphuthekile, ohamba-ze, olusizi, kanti kawazi." Wayengaphandle, iZwi.

231 Yini na? Amasiko ethu. IMethodisti yethu, iBaptisti, iPresbyterian, amasiko ePentecostal lenqabe iZwi, futhi Angebe nobambiswano ndawo. Wonke umuntu "ususa izandla kuLo," futhi ufuna ukuLibiza ngomoya omubi.

232 Futhi niyaqonda yini ukuthi uJesu washo, ngezinsuku zokugcina ngaphambi kokufika kwesikhathi sokuphela, ukuthi Uyokwembulwa futhi njenge "Ndodana yomuntu," hhayi "iNdodana kaNkulunkulu"? Nalokho kugcwalisa uMalaki 4 nazo zonke lezi ezinye izithembiso zika Abrahama, isibonakaliso sokugcina uAbrahama asemukela. Wayelindele indodana ezayo, nesibonakaliso sokugcina asemukela, sasinguNkulunkulu embulwe esidalweni esingumuntu. NoJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, eSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

233 Manje, nizongithethelela, mina ukuba ngenze encane, inkulumo mbiko ejulile lapha. Ngifuna ukubuza nina bosiyazi bezenkolo enye into. Hlolani emuva emBhalweni, emlandwini weBhayibheli. Njengoba kade ningitshela kuleliviki, beniyi—beningamadoda afunda umBhalo. Kanti futhi nokuthi ubu. . .ukuthi unyaka wobuphostoli usuphelile, no—nokuthi—ukuthi beniwazi wonke umlando webandla. Ngifuna lokhu nikunakisise. UNkulunkulu angithethelele ngokuhlakaza lenkantolo, uma kungafanele ukukwenza.

234 Izwe lisihlela ngqo isikhathi sakho. Izwe lalingakaze libe sesikhathini esinjengalesi, njengasesimweni saseSodoma. Ngeviki eledlule, eFlorida, isifundazwe saseFlorida, amapesente angamashumi ayisithupha-nento othisha besikole akhishwa esikoleni, ngenxa yobungqingili. Banda ngamapesente evile emashumini amane, ngale eCalifornia, ngaphezulu ngonyaka odlule; ubungqingili. Izikole, amakholiji, yonke into igcwele bona. Futhi lihlezi nje khona impela lapho elalikhona ngezinsuku zazeSodoma. UNkulunkulu uyobophezeleka, uma Engasijezisi lesisizwe nalelizwe ngezono zalo, Uyobophezeleka ngokuziphatha ukuba avuse iSodoma ne—neGomora futhi axolise kubo ngokubashisa. Bukani ihora esiphila kulo.

Cabangani manje, umzuzu, nkantolo, ngaphambi kokuba nenze isinqumo senu.

235 Manje, uJesu akazange athi, "Ngezinsuku lapho iNdodana kaNkulunkulu iyokwembulwa khona." Yembulwa onyakeni webandla. Kodwa ibandla liYikhiphele ngaphandle.

236 Manje-ke, Iyokwembulwa njengeNdodana yomuntu, "Lapho iNdodana yomuntu yembulwa," uNkulunkulu wabonakaliswa phakathi kwezidalwa ezingabantu, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, iNdodana yomuntu, yobuprofethi.

237 UMalaki 4 uyethenjiswa, u—umboni ukuba avele ngephimbo. Hhayi uMalaki 3 manje, “Thuma isithunywa saMi.” UMalaki 4 manje. Ningabadidi. Isizathu, uma nenza, nizokugeja. UMalaki 4 wayengesuye uMalaki 3, “Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.” Kodwa, uMalaki 4, uma kufika lesisithunywa, izwe lizoshiswa, nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane singene. “Omubi uyashiswa, yimilotha, nabalungileyo baphume bahambe phezu kwemilotha yabo.” Lokho akuzange kwenzeke ngezinsuku zikaJohane. Niyabo? UMalaki 4! Futhi bhekisisani, kuzobakhona isibonakaliso, nalesosibonakaliso sifanele sibe yisibonakaliso sangokomBhalo.

238 UJesu wathi, “Ngivela kuNkulunkulu. Ngiya kuNkulunkulu.” WayeyiNsika yoMlilo eyayisesihlahleni esivuthayo.

239 Bama lapho ngolunye usuku base bethi, “UnguMuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala.” Angahle ukuba wayebukeka emdadlana kunalokho ngempela Ayeyikho. Inkonzo yaKhe yayinzima. NeBhayibheli lithi akukho-buhle ukuba sibufise, mhlawumbe uMfo omncanyana. Wathi, “Uthi . . . Awukevi onyakeni ongamashumi amahlanu. Awu, Awuzukweva eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama na?”

240 Wathi, “UAbrahama engakabikho, NGIKHONA.” Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu. NgangiyileyoNsika yoMlilo ehlane. Ngivela kuNkulunkulu.”

241 Wenziwa inyama, iNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu wasibekela intombi, wadala ingqamuzana lokuphila leGazi elazala iNdodana yaKhe. Okungukuthi, uNkulunkulu wazenzela indlu yokuhlala kuleyoNdodana. “UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.”

“Futhi Ngiya kuNkulunkulu,” emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka.

242 USawulu wayesendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, futhi washaywa walahlwa phansi ngukuKhanya, leyoNsika yoMlilo. Nicabanga ukuthi leloJuda lalingabiza noma yini, uhlobo oluthize—oluthize lokukhohlisa ngokuthi, “Nkosi”? Ngenkathi ebheka phezulu wayesebona leyoNsika yoMlilo, wazi ukuthi yilokho yena, oyise ababekulandele, bakulandela bephuma eGibhithe. Wathi, “Nkosi, UnguBani na?”

243 Wayesethi, “NginguJesu.” Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

244 Nephimbo langokomBhalo elakhuluma esihlahleni sikaMose, noMose wama wasiphathaphatha.

245 Lalinjalo nalelophimbo langokomBhalo elakhuluma esihlahleni, ngineminyaka eyisikhombisa ubudala. Ngisalokhu ngimi futhi ngithi liyiQiniso. Ngoba, uMose wayebone

leloZwi, lalifanele lifezeke. Ngibona leliZwi lizofanale lifezeke. "INdodana yomuntu izofanele yembulwe," khona impela Elakushoyo. Qaphelani, lethembisa lokho. Hhayi iNdodana kaNkulunkulu; iNdodana yomuntu! Niyabo? INdodana yomuntu, iNdodana kaDavide, neNdodana kaNkulunkulu.

246 Kodwa emva kwezinsuku zonyaka webandla, ngenkathi Ekhishelwa ngaphandle, khona-ke Uyazembula futhi njengeNdodana yomuntu. Isizathu, "Thina singabafileyo kuKristu, sithatha iNzalo ka Abrahama." Futhi siyiNzalo yaKhe yobukhosi. Bangaki okuvumayo lokho, ukuthi iBandla liyiNzalo yobuKhosi yakhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, niyabo, Akwenza kuAbrahama, Wenza into efanayo.

247 Manje ngiyaxolisa ngalokhu. Manje, nina bafo enithi niyawazi umlando kahle kakhulu, ngitsheleni ukuthi kunini, emlandwini webandla, okuke kwabakhona umholi owaya kini phandle lapho, nani maMethodisti, Baptisti, Presbyterian, Luthela, noma ungahle ube yini? Yake yaba nini indoda ethunywa kini, inokugcina kwegama layo ngo h-a-m, kuze kube manje, G-r-a-h-a-m? Naba noSankey, uMoody, uFinney, uKnox, uCalvin, kodwa neze uh-a-m, njengoAbrahama. Futhi uG-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisithupha kuphela.

A-b-r-a-h-a-m yizinhlamvu eziyisikhombisa, iZwi likaNkulunkulu, eliphelelisiwe.

248 Manje, khumbulani, lomuntu owayesezinsukwini zika Abrahama. Manje, uAbrahama wayekhona, abakhe, wayengokhethiweyo. Wayengekho eSodoma. Wabizwa waphuma eSodoma. LesosiThunywa esimvakashelayo asizange siye eSodoma.

Kodwa, lezo ezehlela eSodoma, bhekisisani ukuthi zenzani.

249 Bhekisisani ukuthi Lesi senzani ebandleni elikhethiweyo. NoJesu waninakisa into efanayo, yayizokwenzeka ezinsukwini zokugcina, "lapho iNdodana yomuntu iyozembula qobo lwaYo enyameni yomuntu," iZwi lazi imfihlo yenhliziyo. Njengoba Lathi, "Linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, nelingeLehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Njengoba kwenza bonke abanye abaprofethi. Njengoba kwenza uJesu, qobo lwaKhe, wabizwa ngoBelzabule. Futhi wenqatshwa lapha, futhi, ngezinsuku zokugcina.

250 Angazi noma ngabe lowomhumushi oyimpumputhe wake wacabanga yini ngalokho na? Angazi noma ngabe uyoke aqonde ukuthi lemiBhalo oprofethelwe lolusuku uzofanele ufezeke na? Bangaki . . . Niyakholwa ukuthi kufanele kube ngalesisikhathi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IZwi likaNkulunkulu, nakuba Lilibala! Nokho zonke lezizinto, leminyaka yebandla yedlula, futhi sekube ngamakhulu eminyaka selokhu sabanakho, kodwa kwethenjiswe ukuba lapha.

251 Uzembule Yena uqobo njengeNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaNkulunkulu, ebhaphathizwe ngoMoya oNgcwele. Ibandla lePentecostal namabandla kwehle njalo, kwehlise izibonakaliso, izimanga, izimangaliso njengoba Yenza. Babone uNkulunkulu emibonweni emikhulu nayo yonke into.

252 Kodwa alikaze ibandla like lize libone iNdodana kaNkulunkulu ibonakaliswa enyameni, ebingembula imicabango osenhliziyweni, kuze kube yilonyaka. Nalowo kwakungunyaka obone iSodoma isha nendodana ethenjisiwe ibuya. Angazi noma lowomhumushi oyimpumputhe yomBhalo uke wacabanga yini ngalokho na? Ngifuna inkantolo ukuba ikukhumbule lokho. Khumbulani, akusesikho ukuthi kanjani, akunandaba ukuthi kulibala kakhulu kangakanani, nokho kuzofanele kwenzeke. Kuzokwenzeka.

253 Laba ofakazi bayafakaza, ufakaze iQiniso uqobo, ukuthi kunjalo. UNkulunkulu wathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda."

254 Kodwa izwe elingaphandle lifuna nikholwe, masinya nje usubeka izandla, ufanele. . .nemilenze ekhubazekile ifanele iqonde, futhi ufanele ugxume uye phansi phezulu. Akazange akusho lokho. Akazange akwethembise lokho.

255 Wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa." Akazange asho ukuthi nini. "Babeka izandla phezu kwabagulayo, bayosinda." Akazange asho ukuthi nini. Wathi, "Uma nikhuleka, nikholwe ukuthi niyakwemukela, futhi niyakuphiwa khona." Akashongo ukuthi nini.

256 Manje, uma ngempela siyiwo, amakholwa angokoqobo, uma lemiBhalo ikhonziswa kithi, akukho lutho olungasitshela okwehlukile. Akukho lutho olungathi Uyiphutha; ukuthi bangaki abebengavuka, ukuthi bangaki abaphinkinkolo, bangaki abangakholwayo, ukuthi bangaki abebengachaza *lokhu, lokho,* noma *okunye*. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. NoMarku 16 uphefumulelwe nje njengoJohane 3:16. Yonke into yiZwi likaNkulunkulu. Lonke iZwi laLo liphefumulelwe. Konke okwaLo nguNkulunkulu, uma nje uLifunda ngendlela Elisho ngayo.

257 Ngifuna ukubizela ibandla ohlelweni losuku, ukuba lithole. Ngaphambi kokuba ubize noma yini ngodeveli, kungcono ukhumbule, isithembiso salokhu sizoba ngalolusuku. Niyabo? Kukhumbuleni lokho. Isizathu, izwi elilodwa elimelene noMoya oNgcwele alithethelelwa neze kulelizwe, kanjalo nasezweni elizayo. Futhi nibona uMoya oNgcwele uqobo lwaKhe ebonakaliswa, enza into efanayo.

258 Ngibuka owesifazane omncane ehlezi lapha phambi kwami. Ngicabanga ukuthi uyiPresbyterian. Angiphaphalazi. Wayesendlini yami, kungekudala. Wayezophila kuze kube

ngoLwesithathu, umdlavuza; ehlezi ekamelweni. Kwenzekile nje ngambona ehlezi ngakumngani wami. Futhi wanikwa kuze kube ngoLwesithathu ephila, ngabezemithi bedolobha. Bayadideka manje. Nangu ehlezi kulobubusuku, ebukeka ekahle futhi ephilile, futhi esaphila. Uyabonga ngakho, awunjalo, dadewethu na? Phakamisa isandla sakho, uma lokho kunjalo. Ngimbona ehlezi khona lapha. Niyabo? Efa, futhi enikwa kuze kube ngoLwesithathu, cishe ezinyangeni eziningana ezedlule. Futhi manje odokotela bamangele, ukucabanga. Okwenzekayo Kwakungu ISHO KANJE INKOSI. AmaZwi aKhe asalokhu eyiqiniso.

259 Ngenkathi, lomBhalo usho lapha, ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda, uma nizokholwa. Lezizibonakaliso ziyolandela ikholwa." Bayokwenzenjalo. Akazange asho ukuthi nini. Futhi uma uyikholwa ngempela, akukho okungakwehlukanisa nalokho.

260 Lalelani ubufakazi buka Abrahama. Lalelani zonke izimfakazo zabo. Mangaki amakhulu ebengingawabiza enkundleni namhlanje, futhi nginikhombise ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, kungakhathaleki, uma nizoLikholwa futhi nime lapho, futhi nazi enhliziyweni yenu ukuthi kuzofezeka.

261 Ngenkathi, lelinenekazi elincane, engibhekise kulo. Manje, omunye ubengitshela, emizuzwini embalwa edlule, ngiyaxolisa, ubengitshela emizuzwini embalwa edlule, eza ngomugqa wedina phandle lapho, wathi, "Mfowethu Branham, awulikhumbuli lelinenekazi elincane lapha, umkhuleko wakho wokukholwa kulo kungekudala na? Lona, iminyaka eyedlula, lalibulawa ngumdlavuza." Ngabe yilowo wesifazane ohlezi okhona na? Omunye umkhombise mina. Phakamisa isandla sakho, uma uhlezi lapha ndawondawo. Owesifazane omncane eza ngomugqa, omunye wesilisa, umfowethu osenekhanda elimpunga, ubemkhombisa mina, wathi wayebulawa ngumdlavuza. Futhi nangu uyaphila manje. Ngabe lelonenekazi lisendlini lapha manje na? Belisekamelweni lokudlela, esikhashaneni esedlule. Wakhomba *ngapha*. Ya. Ya. Nango uNkk. Waldrop emuva lapho, owayehlala . . . futhi efile, emgqeni, eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, iminyaka eyishumi nesikhombisa edlule, nodokotela wakhe ene—ene eksreyi lapho, lowomdlavuza wase umudle wamqeda. Kodwa kwakungu ISHO KANJE INKOSI.

262 Abagxeki mabavuke futhi basho abafuna ukukusho. Ngingufakazi ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ayeyikho ngaleyonkathi, Uyikho namhlanje. Akasuye u "Ngangikhona," "Ngiyakubakhona." Ukhona manje, inkathi yamanje, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi

uJesu neZwi laKhe uyafana. Futhi UyiZwi. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

263 Wathini na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

264 Ngaphambi kokuba sisho lokhu enkantolo, ningabasizi bejaji. Nilizwile icala. Bangaki ufakazi ebesingababiza na? Akunandaba ukuthi bangaki abanye ofakazi u—umshushisi abengababiza, lamaZwi afakaza aphikisane naye. Uwuhumusha ngokungesikho umBhalo. Bangaki okholwayo ukuthi amaZwi ayiqiniso na? Bangaki oyikholwa na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. IBhayibheli lasho lokhu, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

265 Manje bukani, ngamunye wenu. Ngalona omncane umlayezo ophukile, nidonse isiphetho esithize. Phansi engqondweni yakho, usunqumile, ngoba labo ngabasizi bejaji. Futhi indlela enenza ngayo kusukela emva kwalokhu, lokho kuzofakazisa ukuthi siyini isinqumo sabasizi bejaji senu secala. Niyabo? Indlela eniphila ngayo kusukela emva kwalokhu izofakazisa ukuthi isinqumo sabasizi bejaji senu siyini nje. Manje, uma uphuma bese uthi, "Awu, ngisagula nje njengoba bengigula ngenkathi ngingena," lapho kukhombisa nje ukuthi hlobo luni lwesinqumo sabasizi bejaji enisenzile kulenkantolo kulentambama.

266 Ngicabanga ukuthi Ubenokuthethwa kwecala ngokunobuqotho Abenakho, wakhuliswa njengeZwi. Ufakazelwe njengeZwi. Ukhonjwe njengeZwi. Futhi uma ngifa kulobubusuku, amaZwi engiwashilo liyiqiniso. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Izwe liyakwazi. Izwe lesayense liyakwazi. LeyoNsika yoMlilo efanayo, iNgelosi yeNkosi efanayo! Bangaki osibonile isithombe saYo na? Silenga eWashington D.C., okuyibona kuphela uBukhona obungaphezu kwemvelo obake bathwetshulwa isithombe. Uma ngifa kulobubusuku, ngingaphindi nginibone, engikushilo kuyiQiniso. Futhi uNkulunkulu ufakazile ngakho, ukuthi kuyiQiniso. Futhi nanku umBhalo, uthi kufanele kube manje. Manje-ke kubizeni ngodeveli uma nifuna. Lokho kuzoba phakathi kwenu noNkulunkulu. Niyabo?

267 UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi Uzikhomba Yena uqobo njengoba Ethembisa. Kuningi kakhulu ebesingakusho. Kulezizinsuku zokugcina, njengeNdodana yomuntu, ezenza Yena uqobo aziwe phakathi kwabantu baKhe, ngesimo sabantu baKhe. Niyabo? Hhayi iNdodana kaNkulunkulu, hhayi iNdodana kaDavide, kodwa iNdodana yomuntu. INdodana kaNkulunkulu yayingaphezu kwemvelo.

268 Njengo Abrahama, ubone amaphimbo, futhi wezwa izinto, futhi wabona izinkanyiso, kanjalonjalo. Kodwa ngaphambi nje kokuba kufike indodana ethenjisiwe, uNkulunkulu wazembula Yena uqobo njengeNdoda, esenyameni yomuntu, futhi wafunda imicabango owawusenhliziyweni kaSara, ekamelweni emva kwaKhe. Bangaki oshoyo, owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] . . . ? . . .

269 Wayesethi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana kaNkulunkulu iza, lapho iNdodana yomuntu iyokwambulwa." "INdodana yomuntu yembulwa," hhayi iNdodana kaNkulunkulu onyakeni webandla. Ikhishiwe kulokho. Manje IyiNdodana yomuntu izembula Yona uqobo. IZwi liba yinyama phakathi kwethu.

270 O, mngani wami, vula amehlo akho, nkantolo, ngaphambi kokuba wenze isinqumo sakho. Yenza isinqumo sakho bese usikholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Ulungisiswa ngokuloba lokhu emBhalweni. Ulungisiswa kulokho Akushoyo. Ngingakufakazisa. Ngiyazi Uqinisile. UNkulunkulu uyakufakazisa.

271 Akadingi-muntu ukuba ahumushe, athi, "Lokhu yi*lokho*, naLokhu yi*lokho*." Uthi Uyokwenza, futhi Uyakwenza, nalokho kuyakuxazulula. Ungumhumushi waKhe yena.

272 Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki ongamakholwa, ke? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyikholwa." Ngifuna lonke ikholwa eliphakathi lapha ukuba ume ngezinyawo zakho. Ongakholwayo, yiba ulokhu uhlezi nje. Makholwa yimani ngezinyawo zenu.

273 Kulenkantolo, ngaphambi kokuba ihlehliswe, ngifuna ukubonga iNkosi ukuthi lenkantolo isinqumile. Abasizi bejaji sebefike kulesisinqumo sabasizi bejaji, ukuthi uJesu Kristu ulungisiswa ngokufaka lezizinto eZwini laKhe. Uma lihunyushwe ngokweqiniso ekukhanyeni kweZwi, liyiQiniso. Nibangaki, nkantolo, enikukholwayo lokho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Phambi kukaNkulunkulu, ngiyakholwa ukuthi kuyiQiniso. Ngiyakholwa ukuthi kuyiQiniso." Manje, bangaki, njengoba wehlisa isandla sakho, uthi, "Ngiyikholwa kulokho okushilo. Ngikukholwa ukuthi kuyiQiniso eliqotho. KuyiZwi likaNkulunkulu"? Phakamisa isandla sakho. Kulungile.

274 Manje ngifuna wena, welule isandla ngale kwetafula, bese ubeka isandla sakho phezu kwelinye ikholwa. Beka isandla sakho ngqo ngale kwetafula, sibeke phezu kwelinye ikholwa. Singamakholwa na? Wathini na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

275 Nkantolo, sewunqumile na? Uthi, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Isinqumo sami sabasizi bejaji sekufinyelelwe kuso." Ngabe kunjalo, "Amen"? ["Amen."] Ukuthi iZwi

likaNkulunkulu liyiqiniso, "Amen"? ["Amen."] UMarku 16 uyiqiniso, "Amen"? ["Amen."] Manje-ke, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Bayofanele basinde. ["Amen."] Washo njalo, Akashongo na? ["Amen."]

276 Manje, indlela okhuleka ngayo ebandleni, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Bakhulekela wena. "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Kuzokwenzekani na? Isenzo sakho, kusukela kulelihora kuqhubeke, sizofakazisa ukuthi siyini isinqumo sakho sangeqiniso sabasizi bejaji.

277 Manje khothamisa ikhanda lakho, nonke. Manje khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe.

278 Jesu Kristu waseNazaretha, ngiKunakisa lokhu futhi. Laba besilisa nabesifazane usezisholo, ngobufakazi babo, ukuthi bangamakholwa. Bamile, futhi babeka izandla zabo phezu komunye nomunye. Nkosi, siyalikholwa iZwi laKho, ukuthi ngalolusuku olukhulu lwemfundo, lolusuku olukhulu lo—lo—lokuqhubeka, lwesayense ephathelene nenkambo elungileyo na—nazo zonke izinqubo zemfundo, nokho, phakathi kwakho konke kwakho, iZwi laKho lihlala liyiqiniso ngokufanayo nje.

279 Futhi sibize ofakazi kulenkantolo kulentambama, Nkosi, ukuba baKunikeze ukuthethwa kwecala okunobuqotho; hhayi ukuthethwa kwecala okubhinqayo, hhayi ukubhinqa njengoba uHerodi eKunika khona, noma—noma—noma njengomunye wabanye. SiKunika ukuthethwa kwecala okunobuqotho lapha, nokufakazisa. Nabantu baKho wenze isinqumo sabo, ukuthi iZwi likaNkulunkulu ngo 1964, lelihora esiphila kulo manje, ukuthi nje Unguye impela uNkulunkulu njengoba Wawulokhu unguye. Futhi lonke iZwi Owalethembisa liyiQiniso. Futhi banezandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, njengamakholwa. Bayakhulekelana.

280 Futhi Wena wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabakholwayo, bayosinda." Awuzange usho ukuthi nini. Wathi, "Bayosinda." Manje, bona be . . .

281 Njengoba mina ngingumongameli, nalababantu bengabasizi bejaji, nomahluleli, banikeze ubufakazi kulokhu, Nkosi, ngokuyisa izandla zabo komunye nomunye, nokukhulekelana.

282 Manje, izenzo zabo emva kwalokhu zizofakazisa ngempela ukuthi isinqumo sabo sabasizi bejaji siyini. Kwangathi kungebekhona nokukodwa ukukhononda phakathi kwabo, kungabe kusabakhona, kokuba ake agule ngalokhu ukugula, kumbe noma ngabe yini ebakhathazayo manje. Kwangathi bangazi ukuthi uNkulunkulu wethembisa ukuthi Wayezokwenza.

283 Ngezinye izikhathi Uyalibala, njengoba Enza ngezinsuku zikaNowa, Wenza ngezinsuku zikaMose, Wakwenza ngazo zonke

izinsuku. Kodwa A—Akazange atshele abantu bePhentekoste, “Yenyukelani emzini waseJerusalema, emahoreni angamashumi amabili-nane Ngizoninika uMoya oNgcwele.” Wathi, “Lindani lapho nize nembathiswe amandla avela Phezulu.” Akazange athi, “Ngosuku olulodwa, izinsuku ezimbili, izinsuku eziyishumi.” Wathi, “Hlalani nize nembathiswe amandla.” Nkosi, bahlala kwaze kwaphendula ubufakazi obubonakalayo ngabo, ukuthi kwakunguMoya oNgcwele kaNkulunkulu.

284 Manje, kwangathi lababantu, ozandla zabo zibekwe phezu komunye nomunye, omile, lenkantolo kulentambama, eBukhoneni bukaNkulunkulu, eBukhoneni beZwi laKhe njengoba ngiLifundile. Futhi sifakazile kulokhu, ukuthi siyakholwa ukuthi Uyaligcina iZwi laKhe. Futhi kwangathi ngamunye angaphiliswa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

285 Manje, nonke nina enikukholwayo lokho, kusukela kulelihora, ukuthi ikholwa elime ngezinyawo zabo njengekholwa, nawe ikholwa, ukuthi ufakazile phambi kwalenkantolo kulentambama ukuthi uyakholwa ukuthi Ulungile futhi Uyaligcina iZwi laKhe. Akunandaba ukuthi lilibala isikhathi eside kangakanani, lifanele lenzeke. Niyalikholwa na? Phakamisa isandla sakho. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyalemukela na? [“Amen.”] UNkulunkulu anibusise. Ngilikholwa ngayo yonke inhliziyo yami.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

286 Ngabe ukhona umuntu phakathi lapha obengesilo ikholwa, umuntu ongesuye umKristu na? Ngifuna ukuninika ithuba lokuba nenyukele lapha kulokhu, phambi kwalenkantolo, bese nenza ukuvuma, bese nithi, “Kade ngingumngabazi, yonke impilo yami. Kodwa, kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngemukela uJesu Kristu.”

287 Ngiyazi iBhayibheli lasho, ukuthi, “Ngezinsuku, njengoba kwakunjalo, ngezinsuku zika—zikaJona, wayesesiswini somkhomo izinsuku ezintathu nobusuku.”

Bathi kuYe, “Sinike isibonakaliso.”

288 Wathi, “Esibi nesiphingayo, isizukulwane saseSodoma, sifuna isibonakaliso, futhi bazosithola. Bazosithola isibonakaliso. Ngokuba njengalokhu uJona wayesesiswini somkhomo. Izinsuku ezintathu nobusuku, kanjalo iNdodana yomuntu ifanele ibe senhliziyweni yomhlaba.” Lababafundi esifunda ngabo, wayengaqondi, ngenkathi bengabakholwa labo ababeMbonile emva kokuba Wayevusiwe kwabafileyo.

289 SiYibonile. Siyazi ukuthi lelo yiqiniso. Ivukile kwabafileyo. Siyakukholwa. Futhi siphila ezinsukwini njengoba kwakunjalo e—ezinsukwini zikaJona, ngenkathi amadolobha ayephendukezelwe ebubini. NoJona uyaphuma, esiswini somkhomo, njengovela kwabafileyo. Futhi, namhlanje, sikholwa ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo futhi uzazisa Yena

uqobo kusukela phansi onyakeni webandla njengeNdodana kaNkulunkulu, futhi manje uyakugcwalisa, egcwalisa isithembiso saKhe ngezinsuku zokugcina, ukuzembula Yena uqobo eNzalweni yobukhosi ka Abrahama, njengeNdodana yomuntu.

290 UNkulunkulu anibusise. Namakhanda ethu ekhotheme manje, ngokuthula nangenhlonipho, sisacula ivesi elilodwa, *Ng'yaMthanda*. "Ng'yaMthanda ngoba Wang'thanda kuqala." Futhi uma ungesuye umKristu, futhi ufuna ukuba nguye, nokuthatha isinqumo sakho sokuma kulobubusuku nabayingcosana abadeleliwe beNkosi, ngalolusuku olubi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, wozani ngaphambili sisacula, amakhanda ethu ekhotheme nawo wonke umuntu ekhuleka.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

291 Manje asigcine amakhanda ethu ethobile, manje, njengoba sihamisha. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

292 Kucabangeni. Kucabangeni. Ungazithuntutha wena uqobo kancanyana nje na? Yena impela uNkulunkulu owenza isithembiso, Ulapha, ekwenza kwaziwe, emhlabeni ngqo namhlanje, ekufakazisa. Nanku imiBhalo yaKhe. Akukho-muntu ozowuhumusha. Usuvele uhunyushiwe. Futhi Wang'thengel'insindiso. Ningeyamukele na?

[UMfowethu Branham uqhubeka nokuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

293 Manje, uma usuvele ungumKristu, futhi uthanda ukuphila ngokusondela kakhulu kuNkulunkulu, asiphakamise izandla zenu sisalicula futhi, namakhanda ethu ekhotheme. Ufuna ukuhamba usondele kakhulu noNkulunkulu; kukholweni lokhu ukuthi kuyiQiniso, ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. "Ngi . . ."

294 UNkulunkulu abe nawe, mngani. Ungehluleki. Ungehluleki. Mkholwe. Ng'yaMthanda. Kusho ngempela ngayo yonke inhliziyo yakho manje. Zinikele. UyiZwi, iZwi lalolusuku.

. . . ngithanda kuqala . . . ? . . .

*Ukuthethwa kweCala* ZUL64-0427
(A Trial)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngo Apreli 27, ngo 1964, edilini leFull Gospel Business Men's Fellowship eRamada Inn eTuscon, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

